

# UKUVANGELA

## ESIKHATHINI SOKUPHELA



Siyabonga, Mfowethu Orman.

Asikhothamise amakhanda ethu nje umzuzu manje okwezwi lomkhuleko. Futhi sisakhothamise amakhanda ethu, angazi noma ukhona yini lapha ozoba nesicelo esikhethekile obengathanda saziwe ngokuphakamisa isandla na? INkosi iyazibona lezizinto, ngiqinisekile. Ngethemba ukuthi Izosipha khona.

<sup>2</sup> Baba wethu waseZulwini, sibuthene kulokhu kusa kungesikho okwenye inhloso kunokudumisa iGama leNkosi yethu uJesu. Futhi siyaKubonga ukuthi sesivele sibuzwile uBukhona baKhe. Futhi siqinisekile ukuthi Uhlangana nathi, ngoba yisithembiso saKhe, ukuthi “Lapho kubuthene ababili noma abaningi ndawonye eGameni laMi, Ngiyoba phakathi kwabo.” Manje, sizocela izibusiso zaKho, Nkosi, kuzo zonke lezi zicelo namhlanje esezaziwe manje ngokuphakamisa izandla. Uyazi ukuthi bekunani ngaphansi kwalesosandla, enhliziyweni, futhi ngiyakhuleka ukuthi Uzophendula lowo nalowo.

<sup>3</sup> SiyaKubonga namhlanje ngethuba lokukhonza Wena. SiyaKubonga ngebandla nangabantu nabazalwane bokuKholwa okufanayo okuyigugu. Futhi manje sicela ukuthi Uzosinika izifiso zenhliziyo yethu namuhla, okungukuthi, ukukhonza Wena. Sondle ngaleyoMana efihliwe Owayisho, eBhayibhelini, yanikezwa, leyo eyayibekwe emuva nje yobupristi kuphela. Futhi siyafundiswa ukuthi singabapristi bakaNkulunkulu, abanikela umhlatsshelo wokomoya, okungukuthi, izithelo zezindebe zethu, sinikeza udumo eGameni laKhe. Manje, siyakhuleka ukuthi Uzosibusisa engxenyeni eqhubekayo yalenkonzo, usihlephulele iSinkwa sokuPhila. EGameni likaJesu. Amen.

<sup>4</sup> Ngiyajabula ukubona umndeni wethu omkhulu ubuyile futhi kulokhu kusa, futhi ngiyajabula ukuba lapha kanye nani. Kanti, futhi, izihambi ezigogobe ezingxenyeni ezahlukeno zezwe, abahlanganye nathi ngeSonto ekuseni, ulapha. Asinahlelo. Futhi nje siyahlangana, abantu abakholelwa kuNkulunkulu bahlangana ndawonye ukukhonza iNkosi ndawonye, futhi sinikela imikhuleko yethu kuNkulunkulu, senza ukuvuma kwethu kuYe. Futhi iSonto ngalinye nosuku ngalunye sidlula esihlanzweni, okungukuthi, ukuhlanza imiphefumulo yethu ngoMoya waKhe oNgewe, ezonweni zethu, sizama ukuphila ngokwesaba uNkulunkulu njengoba sazi ukuthi kukanjani

kulonyaka wamanje, sibheke ukubonakala kwaKhe noma ngasiphi isikhathi. Futhi sibheke lokho noma ngasiphi isikhathi.

<sup>5</sup> Manje, sino—nohlelo olukhulu namhlanje. Sinezinkonzo zethu zikaSonto sikole lapha kulokhu ukusa, futhi khonake kulobubusuku sino—nohlelo olukhethekile kakhulu kulobubusuku. Umngane wami olungile, uMfowethu Joseph Boze, okungukuthi, akasiso isihambi lapha nathi, kodwa ngiyakholwa ukuthi kungokokuqala ukuba asivakashele ebandleni. Kuyi...Bengihlala njalo nginamabandla amabili ezweni lonke engilihambayo, ukuthi bengihlale ngilibiza nga “mabandla ayisibonelo,” futhi elinye lawo kwakunguMfowethu Joseph Boze, iPhiladelphian Church eChicago, e-Illinois, futhi elinye kwakunguMfowethu Jack Moore, eShreveport, eLouisiana. Ngangikulawo mabandla kaningi kakhulu kwaze kwathi lapho ngifika ekhaya ngivela ohambweni lwezimishini omunye wathi, “Ungashayeli eJeffersonville ukuthola uMfowethu Branham, nje shayela eChicago. Uma engekho lapho, awu, khona-ke shayela ezansi eShreveport.” Ngangilapho kaningi kakhulu.

<sup>6</sup> UJoseph usehambile eChicago. Kwephule izinhliziyozethu, ekuqaleni, lapho sicabange ukuthi kwakudingeka ahambe eChicago, kodwa emva komkhuleko sathola ukuthi kwakunguNkulunkulu embiza. Futhi lomngane wami omncane manje usevele wahamba ngokukhulu ukushesha wangena emsebenzini omkhulu eTanganyika naseKenya nase-Uganda, futhi wenza umsebenzi omkhulu. Futhi sizwa ukuthi asimsize simxhase nganoma iyiphi indlela esingayenza kulezizinkonzo. Futhi ngiyahlela, uma kuba yintando kaNkulunkulu, kuloJanuwari ozayo, ukuba naye ezikoleni zakhe kwi-Afrika yonke lapho, njengoba siqhubekela eNingizimu Afrika ezikoleni zakhe. Futhi uzonitshela okuningi ngakho kulobubusuku enkulumweni yakhe ebandleni. Uzobe ekhuluma kule—kulentambama cishe, ngiqagele cishe ngehora lesishiyagalombili nqo, ngokushesha nje uma amalungiselelo esephelile. Futhi khona-ke unefilimu enizojabula ukuyibona, ngiqinisekile. Futhi leyo filimu eyezikole zakhe e-Afrika, nalokho iNkosi emenzele khona nje eminyakeni emifishanyana embalwa nje. Kuyangikhuthaza kakhulu ukukhombisa ukuthi yini... ukubona ifilimu, ngoba kubonisa lokho uNkulunkulu angakwenza ngomuntu oyedwa ozothola intando yaKhe nendawo. Emuva kokulinda iminyaka ukuyithola, khona-ke ehamba ngendlela uNkulunkulu ayemyalele yona. Wozani nabantwana, ingxenye yokuqala yayo iyingxenye encane kakhulu.

<sup>7</sup> Njengoba nimazi, uJoseph, abaningi benu, unamancoko impela. Futhi ngiqagele ucabange ukuthi ngizobe ngibuka isithombe sakhe, ngakho uyaphuma ngobunye ubusuku futhi wayefuna ukushutha ibhubesi. E-Afrika lapho, kunenqwaba

yamabhusesi. Ngakho uJoseph uyaphuma futhi uthatha ibhubesi. Futhi ngacabanga ukuthi kwakuyinto ebukekayo kunazo zonke. Emuva kokuba omama base bebulele, futhi sebesidlile i—isilwane, lalidonsa isikhumba. Futhi iwundlu lehubesi elincane lilandela ngemuva, lizama ukwenza sengathi lalizama ukuphinda liyibulale futhi, niyabo. Futhi ngiqinisekile ukuthi abafa abancane bazothokoza ngayo, ngicabanga ukuthi, imizuzu emihlanu noma eyishumi yalokho ekuqaleni kwefilimu. Manje, wozani kuse-eli.

<sup>8</sup> Futhi angicelwanga ukuba ngisho lokhu. Angifuni ukukusho. UJoseph akazi lutho ngakho. Kodwa ngicabanga ukuthi kulobubusuku sizokhombisa ukubonga kwethu kuMfowethu Joseph ngokumnika umnikelo wezimishini zakhe zaphesheya kwezilwandle. Siyakholwa ukuthi iNkosi uJesu iyeza. Futhi—futhi uma ukade ulondoloza umnikelo omncane wezimishini, noma into ethize yezithunywa zezenkolo, noma into ethize ongathanda uku, umnikelo kulokho, khipha isheke lakho kuJoseph B-o-z-e, okwalobubusuku. UB-o-z-e, kunjalo, akunjalo na? UJoseph Boze. Futhi kuyi... Ngiyamazi uMfowethu Joseph njengomngane wami wesifuba, umngane wami uqobo, futhi uyazi ukuthi kuzoya eMbusweni kaNkulunkulu, ngolwazi lwakhe olwedlula konke kuKho.

<sup>9</sup> Futhi, ngakho-ke, ngaphambi kokuba siqhubekele phambili, ngizothanda ukumethula futhi ngimdedele ukuba abe nezwi lapha. Ngizamile ukumthola ukuba athathe inkonzo yasekuseni, futhi ubengeke akwenze, ngakho uzokhuluma nathi kulobubusuku ngehora lesishiyagalombili nqo, ngalesosikhathi asikhathalele. Futhi ikhamera izohlelwa, neskrini lapha, kwenzelwe isithombe. Kodwa khona manje ngingathanda ukusho ebandleni, futhi ngethule ebandleni umngane wami olungile nomfowethu, uJoseph Boze. Mfowethu Boze.

[UMfowethu Boze uyakhuluma futhi uyancoma imizuzu eyisishiyagalombili—Umhl.]

Ngiyabonga, Mfowethu Joseph, lokho kuhle kakhulu. INkosi ibusise. [UMfowethu Branham noMfowethu Joseph Boze bayasingathana futhi bayambambathana—Umhl.] Lena iSweden ne-Ireland, ndawonye. UNkulunkulu akubusise, Mfowethu Joseph. Siyabonga ngokuncoma kwakho, Mfowethu Joseph. Kuyinto, ngingasho okufanayo ngaye. Sibonga iNkosi kakhulu ngomsebenzi wayo omkhulu oqhubekayo e-Afrika, futhi uzonitshela okuningi ngawo kulobubusuku.

<sup>10</sup> Futhi manje ngikholwa ukuthi uBilly uthe shelele wangitshela ukuba ngibe noMfowethu Neville noma omunye e... U—umsindo awumuhle kahle emuva. Noma kungahle... Niyangizwa emuva lapho kahle na? Qhabo, abezwa kahle kakhulu. Ningawulungisa umshini na?

<sup>11</sup> Futhi ngiyakholwa, ngenkathi sisamlindile ukuba enze lokho, ngiyakholwa umshana wami, uDonna, unomncane... yena noTeddy banomfo omncane lapha bafuna ukumnikela eNkosini. Futhi ngakho-ke, Donna, uma ningaletha lomfo omncane manje, ngani... Futhi, ake sibone, uphi udade opiyaneni, umshayi, ngabe ukhona na?

<sup>12</sup> [UMfowethu Edgar Branham uthi, "Sebenzisa omunye wemibhobho eceleni, sithandwa."—Umhl.] Lona lapha na? ["Kuhle."] Kulungile, mnumzane. ["Omunye wayo uzofinyelela."] Lokho kuzoba kahle. Kulungile. Ngibeno... Bengisendaweni engafanele. Ngicabanga ukuthi bekuyimi ebengisendaweni engafanele.

<sup>13</sup> Manje, sineculo elincane esivame ukulicula ngalesisikhathi labafa abancane, okungukuthi, "Bangeniseni, lethani abancane kuJesu." Manje e... .

<sup>14</sup> Amabandla amaningi ayabafafaza lababafo abancane, futhi lokho kulungile uma befuna ukwenza lokho, lokho ngokuqinile kulungile ngokwami. Futhi abanye banezindlela ukuthi bona, mhlawumbe, ukuthi babiza lokho ngombhaphathizo, futhi uma befuna ukubiza lokho ngombhaphathizo lokho kulungile, ngokwazi kwami.

<sup>15</sup> Kodwa imiBhalo yilokho esizama ukukulandela ngendlela nje iBhayibheli eliyishoyo, nje kugcineni nje eMbalweni. Akukho ndawo eBhayibhelini, eTestamenteni eLisha, kodwa ukuthi baletha abantwana abancane kuJesu futhi Wababusisa, futhi wathi, "Vumelani abantwana beze kiMi, ngokuba uMbuso weZulu ongowabanjalo." Manje, yileyondlela esikwenza ngayo. Umelusi nami siyama lapho, sithathe omncinyane futhi sinikele umkhuleko wokubusisa eNkosini. Bese kuthi-ke lapho sebe... .

<sup>16</sup> Sizwa ukuthi ingane ayinasono, kungengaphezu kokuthi isono eyazalelwa kuso. Sonke sizalelwa esonweni, sabunjwa ebubini, sifika emhlabeni sikhuluma amanga. Futhi, manje, ngenkathi uJesu efa eKalvari, Wasusa izono zezwe. Khona-ke ingane kungahle ukuba izelwe, noma kungahle ukuba yafa ngaphambi kokuba izalwe; noma izalwe ngaphambi kokuba ifike onyakeni wokuthi iziphendulele, ayinasono. UJesu wasusa izono zezwe. Kodwa emva kokuba isikhule ngokwanele futhi yenza isono, khona-ke izofanele izivume izono zayo bese-ke ibhaphathizwa ngenxa yokuthethelelwa kwezono zayo, niyabo. Kodwa manje, kusobala, isencane kakhulu.

<sup>17</sup> Manje, asicule sonke lelihubo elimnandi elidala manje, siyacula manje. Angazi noma ngingalihola noma qha.

Lethani... ngaphakathi, bangenisen',  
 Bangenisen'baphume emasimini esono;  
 Bangenisen', bangenisen',  
 Lethani abancane kuJesu.

<sup>18</sup> Ubani igama lakhe na? UTeddy, uJunior. Kulungile, mnumzane. Siyajabula kakhulu ukubona lababashadikazi abasebancane lapha kulokhu ukusa benaloTeddy omuhle omncane lapha, futhi sikhulekela ukuthi uNkulunkulu uzombusisa ngokuchichimayo, futhi amnike ukuPhila okuPhakade ezweni elizayo, nempilo ende lapha. Unganginika yena umzuzwana nje? Lona nguTeddy Arnold omncane. Sonke siyamazi uTeddy lapha, ungowethu... umfowethu lapha ebandleni, washada nendodakazi yomfowethu lapha, uDonna. Futhi banalomfo omncane lapha, isifiki. Ngicabanga ukuthi lena eyesibili. Futhi enye intombazanyana, akunjalo na? Ungumfo omncanyana obukeka ekhanya. Ngihlala njalo ngesaba ukuthi ngizobephula lapho befika bebancane kanje, ngokufana nokuhle okucolekile kakhulu—kakhulu, ngiyesaba nje ukuthi bazophuka.

<sup>19</sup> Manje ungathini nje umama eletha omncinyane wakhe kanje eNkosini uJesu na? Uma Ubelapha kulokhu kusa, umuntu njengoba simile, lo mama ngokushesha ubengagijimela kuYe, efuna Yena ukuba abeke izandla zaKhe phezu kwalengane bese eyibusisa. Inhliziyo kaBabayi ibiyogxuma yinjabulo. Siyazi ukuthi uNkulunkulu uphile lokhu ekuhlanganeni kwabo futhi bafuna ukuyibuyisela kuNkulunkulu ngokubonga kuYe ngokubapha yona. Asikhothamise amakhanda ethu.

<sup>20</sup> Baba wethu waseZulwini, sizama ukulandela isibonelo saKho. Ngenkathi omama nobaba belethe kuWe abantwana abancane, Wabeka isandla saKho phezu kwabo futhi wababusisa. Futhi manje, Baba waseZulwini, lababashadikazi abasebasha ubusisiwe ekhaya labo, ngokwemukela lomfana omncanyana, uTeddy Arnold omncane, uJunior. Ngakho siyakhuleka, Baba waseZulwini, ukuthi izibusiso zaKho zizohlala phezu komntwana. Sibeka izandla zethu phezu kwakhe esikhumbuzweni saKho nesithembiso saKho kithi, ukuthi sifanele sibeke izandla zethu phezu kwabantu esikhumbuzweni seZwi laKho elikhulu. Busisa uTeddy omncane. Nkulunkulu, sikhulekela ukuthi Uzomnika impilo ende, ukuphila okuhle. Kwangathi angaphila ukuba abone ukuFika kweNkosi, uma lokho kungenzeka. Futhi sikhulekela uyise nonina, kwangathi bangabusiswa ngokukhulisa lomntwana. Futhi uma likhona ikusasa, menze umfundisi, Nkosi, weVangeli, futhi umnike izinto Owazethembisa esintwini, ukuthi angahle abe nokuphila, futhi ukuPhila okuchichimayo. Sinikeza Wena manje, uTeddy Arnold omncane, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

<sup>21</sup> UNkulunkulu akubusise, Donna noTeddy, impilo ende nezibusiso eziningi; futhi kuwe, Teddy omncane, ngoba Uyakuthanda.

<sup>22</sup> O, ngicabanga ukuthi bayabukeka kakhulu, ngi...abafo abancane. Ngiyabathanda bonke abantu, kodwa ngicabanga

ukuthi abantwana futhi, bese-ke, abantu abadala, uma usumdala. Indoda ethize endala noma owesifazane wehlile endleleni, futhi ebuthakathaka kakhulu, futhi ngicabanga ukuthi nje bathi abadabukise, niyazi, futhi ngiyacabanga nje ukuthi asifanele nhlobo. . . Sibabone bewela umgwaqo, bame. Ubungathini ukuba lowo bekungubaba wakho noma umama wakho na? Niyabo? Owomunye umuntu, ngakho bahloniphe. Futhi bakhuluma mhlawumbe ngokunensa nesikhathi eside, futhi mhlawumbe izinto ongafuni ukuzizwa, kodwa, khumbula, ungahle ubemdala, nawe, ngolunye usuku, ngakho nje bahlonipheni njalo.

<sup>23</sup> Nalabo bafo abancane, ubani ongaphatha kabi omunye walabo na? Empeleni, awufanele neze wenze lokho. Uyazi, uJesu wathi, “Bhekani ningadeleli namunye kulaba abancinyane, ngokuba izingelosi zabo ziyabheka njalo ubuso bukaBaba waMi oseZulwini.” Khumbulani, banengelosi. Uma uzalwa, ihlala nawe yonke impilo. Futhi manje, khona-ke uma usindiswa, khona-ke unoMoya oNgewele, futhi Uyakuholo futhi ukuqondise.

<sup>24</sup> Futhi manje ngibuka ngqo phezu kwezethameli ukubona labo engibaziyo. Futhi, uma ngingaphosisi, ngibona udade ovela eChicago phandle lapha; lokho kukwenza uzizwe unohlobo lokuba sekhaya, ukuba umelelwe eChicago, uDadewethu Peckinpugh nabo bonke labo abangasendleleni lapho. Siyajabula kulokhu ukusa ukubona uMfowethu noDadewethu Cox lapha; noCharlie, uNellie, njengoba sibazi. Futhi uRodney ulapha ndawondawo, ngiyacabanga, uDadewethu Cox. Futhi uMfowethu Willard Crase, omunye wabafowethu ongumfundisi lapha. Nabaningi kakhulu ebehlukene okuthi akubenzima ukuba ngifinyele ezansi ngibabize bonke.

<sup>25</sup> Ngijababula ukubona uMfowethu Evans noDadewethu Evans emuva lapho. Yileyo ndoda enganginitshela ngayo ukuthi yalunywa yinyoka enesihlungu enomsila okhehlezelayo, futhi iNkosi. . . Ungasiphakamisa nje isandla sakho noma into ethize, Mfowethu Evans, ukuze bezobona phakathi lapho ukuthi—ukuthi. . . Sasidoba, nendlondlo yomhlabathi yamluma ngqo emlenzeni. Futhi ngabeka izandla phezu kwakhe futhi ngamkhulekela, futhi akuzange ngisho kuvuvuke, noma akubangabikho okunye ukuba kwenziwe ngakho. Futhi iBhayibheli lathi, niyazi, “Bayakukhipha amademoni; bayakunyathela amakhanda ofezela nezinyoka, futhi akukho lutho uloyobalimaza; futhi—futhi awabo. . . ngeGama lami, labo abakholwa yiMi,” konke lokho amandla futhi lokho abayokwenza, nokunye nokunye, kwanikezwa thina. Khona-ke, uma nje ungesabi!

<sup>26</sup> Kungathiwani uma umuntu othize ekunika isheke futhi linegama lisayinwe phansi kulo, futhi uma uphethe lelosheke ephaketheni lakho yonke impilo yakho, angeke li—likusize

ngalutho. Ufanele ulishintshe. Ngakho, sonke isithembiso eBhayibhelini sineGama likaJesu elisayinwe phansi kuso. Isibophezelo sebhange laseZulwini, nediphozithi yafakwa eKalvari ngenkathi izono zethu zithethelelwe, senziwe amadodana namadodakazi kaNkulunkulu. Futhi ngakho-ke ungesabi ukulishintsha kunoma yisiphi isipho uNkulunkulu asethembisa. Khumbulani nje, Wasethembisa futhi singesakho.

<sup>27</sup> Ngimbonile emisa amalangabi omlilo, emisa igazi, eqeda ubudlova buka—kadeveli, futhi ekhipha izitha, futhi ephulukisa umdlavuzo, evusa abafileyo lapho udokotela wayemi lapho, babefile amahora ngamahora, bevuswa ngqo babuyele ekuphileni futhi. Ngikubonile lokho enkonzweni yami encane yami uqobo, isikhathi emva kwesikhathi emva kwesikhathi. Ngakho ngizibonile izilwane zasendle zithanjisiwe phansi ngqo ize zingakwazi ngisho ukunyakaza, nazo zonke izinto. Ngakho Uvele nje... UsenguNkulunkulu. Yena... Uma Ubehlale enguNkulunkulu, UsenguNkulunkulu. Futhi uma Yena—futhi Engakaze... Futhi uma Engesuye uNkulunkulu, Akakaze abe nguNkulunkulu, ngoba Uzofanele abe... Ukuze abe nguNkulunkulu, Uzofanele abe ngongenasiphelo, Wayazi izinto zonke, Uzofanele abe ngumninimandla onke, engonamandla onke, osezindaweni zonke, okhona yonke indawo. Futhi, o, UnguNkulunkulu nje! UkuPhelela kokuphelela kunguNkulunkulu.

<sup>28</sup> Manje, angihlosile uku, ngezinye izikhathi uma ngifundisa lamakilasi kaSonto sikole kucishe kube yihora lesine nqo, Joseph. Lapha emaSontweni ambalwa edlule, ngangilapha amahora ayisithupha. Angifuni ukunisabisa, niyabo. Kodwa—kodwa angiqondile lokho kulokhu kusa; amahlanu nje nengxenye. Qhabo. Lokhu nje...

<sup>29</sup> Ngingahle ngingabi nani isikhashana manje, siyahamba senyukela eVirginia, noma phezulu eCarolina, naseNyakatho naseNingizimu Carolina, bese kuthi-ke oGwini lwaseNtshonalanga, naphezulu oGwini lwaseNtshonalanga, naseCanada nase-Alaska, bese-ke sibuyela emuva. Futhi mhlawumbe, iNkosi ithanda, siye ngaleya e-Afrika futhi sibone uJoseph, futhi sehlele ezansi eNingizimu Afrika futhi.

<sup>30</sup> Futhi sibe nomhlangano omkhulu kungekudala eNingizimu Afrika, lapho kwashintsha yonke imbangela ye-Afrika nje emahoreni ambalwa, ngenkathi uNkulunkulu, nje kwezaKhe ezimangalisayo, lapho ikhasi lokuqala lamaphephandaba laliqukethe izihloko, ikhasi lonke lokuqala nelesibili nekhasi lesithathu kungekho lutho ngaphandle kwezihloko nje ngemihlangano. Owokuqala wangena lapho, bavele nje babhekisela isithupha phansi, abazange ngisho bayinikeze indoda upetroli ngoba yayiya emhlanganweni, babengeke bayidayisele, bathi, “Noma ngubani owuhlanya kanjalo!” Futhi ngosuku olulandelayo, wayezimisele ukumnika upetroli

mahhala. Niyabo? Ngakho nje umehluko, niyabo. Ngi... Into ethize iyenzeka. Wayembambatha iwundlu lebhumbesi elincane, niyazi, futhi wathi kuye, wathi, "Uyaphi?"

Wathi, "Ngiyehla ngiya Johannesburg."

Wathi, "O, ungusomabhizinisi na?"

<sup>31</sup> Wathi, "Qhabo, ngiyehla ngiyobona uMfowethu Branham, umhlangano."

<sup>32</sup> Wathi, "Ini?" Wathi, "Ubukeya uyindoda ehlakaniphile kakhundlwana kunalokho."

<sup>33</sup> Wathi "Awu," wathi "NgingumKristu. Ngiyehla futhi ngikubone."

Wathi, "Shayela nje uye kwenye indawo bese uthola upetroli wakho."

<sup>34</sup> Futhi ngakho ngosuku olulandelayo, ebuyela emuva, kwakuyiyona ndawo kuphela yokuma phakathi kwalapho naseTransvaal, ngakho kwadingeka akhuphuke adabule lapho, futhi wama esiteshini esilandelayo ezansi kwalapho. Futhi lowomfo wagijima waphuma futhi wambiza, wathi, "Khuphuka uze lapha. Khuphuka uze lapha." Amaphepha ayenawo onke amakhasi okuqala namakhasi esibili, nokunye nokunye, egcwele khona, lokho iNkosi yethu eyakwenza. Futhi ngakho siyabonga ngalokho.

<sup>35</sup> Manje, nje okokuhlangana okuncane ndawonye, noma ubani kini ngapho, khiphani abangani benu bedlule, sizofanele sibe seCow Palace manje. Kuyimfuyo enkulu, umbukiso wasentshonalanga wemfuyo eWest Coast, eSouth Gate. Ngakho abanye benu bafo abanjengami, bayazithanda izibhamu, ngiyahamba ngiya eWeatherby Factory lapho, futhi hambani nami uma nifisa, uma ningalapho. Futhi ngakho bayaphuma bayongena ezindaweni eziningi ngesikhathi sasemini, ungaya eCatalina Island, niyazi ukuthi kunjani. Futhi wena ndoda, abesifazane nabantwana babo abancane, iDisneyland. Futhi ungomunye wamalungu eqembu, naye, ngakho nje wozani ngapha. Wena, ngiyazi nizoba nesikhathi esimnandi. Futhi, ngaphezu kwakho konke, khulekani ukuthi uNkulunkulu uzovula amehlo abangakholwayo futhi uzokwenza abaphendukele kuKristu.

<sup>36</sup> Manje sizofunda amaZwi ambalwa nje eBhayibhelini lapha, ngoba ngiyathanda ukwenza lokhu. Futhi khona-ke ngineminye imiBhalo ethize ebhalwe phansi lapha, phakathi lapha, futhi amanye amanothi engingathanda ukuwafundisa kulokhu ukusa, okwemizuzu embalwa, sikhumbula inkonzo yakulobubusuku. Futhi khona-ke ngingathanda ukunitshela konke okwenzeke kuleliviki ezingxoxiswaneni zangasese, nokunye nokunye, kodwa anginaso isikhathi. Futhi ngiyabaqaphela abanye babo behlezi lapha kulokhu kusa, osalindele lezoxoxiswano, abavela ngaphandle kwedolobha. Sizama ukubathola kuleliviki,



ngokushesha nje... ukuzama ukuthola yonke into elindile lapha, noma kunjani, ngaphambi kokuba sihambe.

<sup>37</sup> Manje sifuna ukuvula amaVangeli, kuMarku 16, isahluko 16 sikaMarku oNgcwele. Futhi isihloko sami namuhla, salokhu, ngukuthi *Ukuvangela Esikhathini Sokuphela*. Futhi asiqale ukufunda kuMarku 16, cishe ivesi 14.

Futhi kamuva *wabonakala kwabayishumi nanye behlezi ekudleni, wabasola ngokungakholwa kwabo nangobulukhuni bezinhliziyi zabo, ngokuba bengakholwanga yilabo abambonileyo esevukile.*

*Wayesethi kubo, Hambani niye ezweni lonke, nishumayele ivangeli kukho konke okudaliweyo.*

*Okholwayo abhaphathiziwe uyakusindiswa;... ongakholwayo uyakulahlwa.*

*Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo; Ngegama lami bazakukhipha amademoni; bashumayele ngezilimi ezintsha;*

*Futhi baphathe izinyoka; uma bephuza okubulalayo, akusoze kwaba-nangozi; bayakubeka izandla zabo phezu kwabaqulayo, basinde.*

*Njalo-ke, iNkosi isikhulumile kubo yakhushulelwa ezulwini, yahlala ngakwesokunene sikaNkulunkulu.*

*Kepha bona bephuma, bashumayela ezindaweni zonke, iNkosi isebenza nabo,... iqinisa izwi ngezibonakaliso ezilandelayo. Amen.*

<sup>38</sup> Kuningi okungashiwo kulokhu. Lona ngumyalo wokugcina iNkosi eyawunikeza iBandla.

<sup>39</sup> Ngiye... kwenzekile ngabuka phansi lapha. Ngizama ukucabanga... uMfowethu West, bengizama ukucabanga igama lakho imizuzwana embalwa edlule, uhlezi lapho uvela eGeorgia. Futhi bengingasalikhumbuli igama lakho ukuthi lalingubani, emizuzwaneni nje embalwa edlule. Omunye umfowethu ohlezi lapho, angisalikhumbuli igama lakhe. Futhi abaningi be... Niyaqonda ukuthi angizami ukweyisa ngokwazi omunye umuntu, kodwa nje ba... Angiwatholi amagama abo nje elungisiwe kakhulu phezulu engqondweni yami.

<sup>40</sup> Manje sicabanga ngokuvangela esikhathini sokuphela. Futhi noma ngubani onga, ongafunda iphephandaba, futhi ongafunda... Isibhakabhaka simnyama futhi sifiphele, futhi amafu ayakhuphuka, futhi—futhi uyazi ukuthi silungisela ukuba nemvula, ungakuzwa emoyeni, futhi ubone imidwa emikhulu ebangeni elikude, nokubanika nokufuqa komoya, uyazi ukuthi sizoba nesiphepho, sizoba nemvula maduzane nje. Noma ubani angafunda iphephandaba futhi abone izimo zesizwe, izizwe, aqonde ukuthi okuthize kulungela ukwenzeka. Uma ubona oyedwa eneqhezu ehlombe lakhe, futhi

omunye, futhi bephikisana, ngazo zonke izinhlobo zezikhali nokunye nokunye ukulwa ngazo, futhi kungekho kuvumelana, bekhahlela izicathulo zabo futhi beshaya amadeski nakho konke ezinkomfeni zabo, uyazi ukuthi okuthize kulungela ukwenzeka. Futhi lokho kuletha phezu kwabantu uhlobo lomuzwa wokuthi okuthize kulungela ukwenzeka. Izwe, njengoba silibiza, ikosmos, izwe langaphandle, liyezwa ukuthi kukhona ukubhujiswa okuzayo, yokuthi ukuthi okufana nonyaka we-atomu kulungela ukuqhuma ngaphambili.

<sup>41</sup> UmKristu uyazi ukuthi ukuFika kweNkosi. Niyabo? Kunesimo sendawo. Kuncike ekutheni ubukani, ngoba iNkosi yethu yasitshela ngokuqondile nje ukuthi kwakuzokwenzekani ngalesosikhathi, futhi asiwazi umzuzu nehora, kodwa siyazi ukuthi sisondela entweni ethize manje.

<sup>42</sup> Njengoba ngangikhuluma lapha esikhathini esithize esedlule, ngiqaphele iwundlu ngelinye ilanga e-Afrika, liphuma esibayeni, futhi lali-lalizidlela ngokuthula kakhulu, futhi khona manjalo liqala ukwesaba. Futhi ngamangala kwakuyini indaba ngomfo omncane. Futhi niyazi imvu ayikwazi ukuthola indlela yayo ebuyela emuva lapho ivela khona, ilahlekile ngokuphelele. Yingaleso sizathu iNkosi isifanisa nezimvu, niyabo, uma silahlekile, iyodwa kuphela into engasibuyisela emuva, uMelusi wezimvu. Futhi lomfo omncane wayekhala, futhi wayezule wasuka esibayeni. Futhi ngaqaphela, etshanini, le ngaphansi, umfo omncane wayengakuboni. Futhi iwundlu noma imvu ayisihogeli isitha sayo njengokunye, njengenyamazane idiye noma into ethize enjalo, kodwa ya-yayingezwa ukuthi ukufa kwakuseduze. Futhi kwakukhona ibhubesi liza linyonyoba phezulu, liza kalula. Laliyihogela imvu, ngakho laliza, niyabo, ukuba lithole iwundlu. Futhi umfo omncane wesaba, futhi wawungeke usibone isizathu ukuthi kungani, kodwa kwakungukufa kwakuqamekele eduze kakhulu ukuthi wayesaba.

<sup>43</sup> Futhi i—izwe lisesimeni esinjalo sokuguliswa yimizwa khona manje ukuthi bayoshayela behle ngomgwaqo ngamamazela angamashumi ayisishiyagalolunye ngehora, ukuba bahlale ejoyintini likabhiya futhi baphuze amahora amabili ngaphambi kokuya ekhaya. Futhi isiwombe se . . .

<sup>44</sup> Khuluma komunye umuntu, o, he, bayasakazeka! Njengoba ngangikhuluma ngobunye ubusuku etabernakele, futhi mayelana nokuya esibhedlela phandle lapha ngizama ukuthatha izingcingo zikaMfowethu Neville. Futhi njalo uma ngikhulume nomhlengikazi noma udokotela, bayokungqavuzwa, “Angazi lutho ngakho!”

<sup>45</sup> Awu, ngacabanga, “Yini indaba na? Wonke umuntu nje uyekela ingcindezi, ngiqagele.” Kodwa, udokotela, izazi zokusebenza kwengqondo zelapha izazi zokusebenza kwengqondo.

<sup>46</sup> Ngakho, kodwa kukhona indlela yokuphuma, lowo nguKristu. Manje, umKristu akafanele ukuba kulesosimo. Sifanele sijabule, silindele ukuFika, ngoba sekuseduze. Siyawuza umoya opholile waseKalvari. Uma sibuka phansi futhi sibone uNkulunkulu waseZulwini Owenza isithembiso, nazo kanye izinto uJesu azenza empilweni yaKhe, wathembisa ukuthi zizobuya ezinsukwini zokugcina, futhi lapha siyakubona. Kuyini lokho na? Lowo ngumoya wokuhlumelelisa, njengemvula iza. Niyabo? Siyazi ukuthi ukuhlengwa kuseduze. Niyabo? Okuthize kulungiselela ukwenzeka. Manje, izwe alikuboni lokho. Bayakuhleka, ngoba njengobabenza ngezinye izinsuku. Kodwa siyazi ukuthi kuyasondela.

<sup>47</sup> Futhi yingaleso sizathu ngikhethile namhlanje lendaba, okwami kokugcina okwesikhashana ngenzele itabernakele, ekuvangeleni esikhathini sokuphela. Futhi uma senza umsebenzi wobuthunywa benkolo noma ubuthunywa benkolo bapheseya, ngeZwi likaNkulunkulu, siyazi sihlala njalo sisentandweni kukaNkulunkulu, ngoba umyalo wokuqala kaJesu ebandleni laKhe wawungukuthi “Hambani nishumayele iVangeli.” Lomyalo wokugcina wawungukushumayela iVangeli.

<sup>48</sup> Isikhathi sokuqala Ake agcoba ngaso noma yibaphi abantu ukuba bashumayele iZwi futhi baye ezweni lonke, Wathi, “Phulukisani abagulayo, vusani abafileyo, khiphani amademoni; njengoba nemukela ngesihle, yiphani ngesihle.” UMathewu oNgcwele, isahluko 10, ethuma abangamashumi ayisikhombisa, ababili ngababili. Lowo kwakungumyalo wokuqala Awunika iBandla laKhe.

<sup>49</sup> Manje, umyalo wokugcina Awunika eBandleni laKhe ngaphambi nje kokuba Emukelwe phezulu eNkazimulweni, Wathi, “Hambani niye ezweni lonke.” Wayesanda kuvuka nje kwabafileyo. Futhi abaningi babo wayehlezi ndawonye, futhi Wabasola ngobulukhuni behliziyo yabo, ngenxa yokungakholwa kwabo, abangabakhohlwanga labo ababeMbonile emva kokuba Wayesevukile. Niyabo, babenobufakazi bokuthi babone iNkosi. Futhi abanye abakukholwanga, futhi Wabasola ngenxa yobulukhuni behliziyo yabo. Ababakhohlwanga lababantu ababebonile ukuthi Wayengafike, “Uyaphila!”

<sup>50</sup> Into efanayo namhlanje, uma ubona umsebenzi waKhe. Manje, sesivele siwubonile futhi sifakaza ukubonakala kweNkosi. Manje khumbulani, ukubonakala nokufika amagama amabili ahlukene, ukubonakala bese-ke kuba ukufika. Manje ukubonakala, Usevele ubonakele kulezi zinsuku zokugcina. Khona lapha kanye nathi eminyakeni yokugcina embalwa. Manje, yisibonakaliso sokuFika kwaKhe. Ubonakala eBandleni laKhe, esimweni sikaMoya oNgcwele, ekhombisa ukuthi nguYe, ngoba abantu bangezenze lezizinto obona uMoya oNgcwele uzenza, ngakho lokho ukubonakala kweNkosi. Manje

khumbulani, kukhulumile ezindaweni ezimbili, “ukubonakala” no “kufika.”

<sup>51</sup> Manje, Wabasola ngenxa yobulukhuni benhliziyo yabo, ngoba abazange babakholwe labo ababekubonile. Ngiyakholwa Uzokwenza into efanayo namhlanje. Emva kwethu . . . Bane . . . abazange bakholwe ubufakazi balabobantu, futhi Wabasola ngakho. Futhi khona-ke Wabathuma ukuba baye ezweni lonke, bashumayele iVangeli kuso sonke isidalwa, futhi Uzoba nabo kuze kube sekupheleni, ukuphela kwezwe. “Lezi zibonakaliso ziyakubalandela labo abakholwayo.”

<sup>52</sup> Manje, namhlanje, sizama ukuthatha iZwi elilotshiwe esinalo esimweni sencwadi, isimo sesivumokholo nokunye nokunye, ezweni lonke. Futhi bekukhona izithunywa zevangeli eziye ezindaweni zonke. Kodwa yini esiyitholayo uma sifika khona na? Owomdabu ongakwazi ukufunda igama lakhe, ephethe incwajana esandleni sakhe. Akazi lutho ngayo kunokuba azi ukuthi yisiphi isandla sokunene nesandla sobunxele. Kodwa ngenkathi uJesu ethi, “Hambani nishumayele iVangeli,” Akazange athi “nifundise iZwi.” Wathi, “Nishumayele iVangeli!” “Futhi iVangeli alifikanga ngeZwi kuphela, kodwa ngokubonakaliswa kweZwi,” ngokuba indlela kuphela elingenziwa ngayo kwakungukwenza isithembiso saKhe sifezeke.

<sup>53</sup> Omunye umfo oyedwa angafunda lokho njengakuWilliam Jennings Bryant, ngenkathi wayenenkulumo-mpikiswano noDarrell ngokuziphatha kukaDarwin. Niyabo? Wayengasho kuphela lokho uDarwin ayekushilo. Futhi uWilliam Jennings Bryant wayengasho lokho iBhayibheli elakushoyo. Leyo kwakuyinkulumo-mpikiswano. Kodwa, kuloludaba, uNkulunkulu ufika phakathi kwabantu futhi uyafakazisa ukuthi iZwi laKhe lenziwe labonakaliswa. Futhi indlela kuphela ongenza lokho, akusikho ngencwajana, kodwa ngoMoya oNgwele usebenza ngawe. Impilo yakho iba yimpilo yaKhe. Ukuwe.

<sup>54</sup> Abahedeni, uma bekhonza isithixo sabo, bazilalisa phansi phambi kwesithixo, futhi bakholwa ukuthi isithixo siyabaphendula, lowonkulunkulu, unkulunkulu wabo waphenduka, wangena kulesi sithixo futhi aphendule ngazo. Manje, lokho nje kuphambene, phendukela kulokho uNkulunkulu ayikho. UNkulunkulu akasebenzi ngezithixo. Niyithuluzi laKhe. Ziwiseni nina uqobo phambi kukaNkulunkulu, futhi Uyangena kuwe futhi akhulume kubantu. Yilowo umehluko. UnguNkulunkulu ophilayo kumuntu ophilayo, hhayi uNkulunkulu ofile esithixweni esifile. UnguNkulunkulu ophilayo esidalweni esiphilayo. Futhi niba ngofakazi baKhe, lokho Akusho lapha.

<sup>55</sup> Yilokho manje, qaphelani, abantu abaningi usho ukuthi lokho nje kwakungokwabaphostoli. Wathi lapha, “Hambani

niye ezweni lonke futhi nishumaye leliVangeli kuzo zonke izidalwa, na” (isihlanganiso) “lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.”

<sup>56</sup> Manje, namhlanje, sithi ilungu elikahle lebandla lixhawulana nomelusi, lifaka igama lalo lisuka kwiMethodisti kuye kwiBaptisti, noma iBaptisti kuye kwiMethodisti, noma kanjalo kanjalo, futhi liphila impilo enhle kakhulu. Manje, siyizithunywa zevangeli, sibona labo bahedeni bephila impilo lamaMelikana, ababizwa ngamaKristu, abanakuqhathaniswa ngisho. Niyabo? Ngakho uma nje ukuphila kahle yikho okubalulekile, basindisiwe ngokufanayo njengabo bonke, ngesithixo. Izimilo zabo ziyofuthelana kithi size singabi nalo ithuba lokuma ebukhoneni babo, kunjalo, nezenzo zabo. Kodwa lokho akusikho.

<sup>57</sup> UJesu wathi, “Nimelwe ukuzalwa ngokusha.” Ukuze uzalwe ngokusha, ngukuzivumela wena uqobo uhambe futhi ufe, futhi uMoya kaKristu ungena kuwe. Khona-ke awusesuye owakho; nguKristu kuwe, niyabo, uMoya oNgcwele. UPawulu wathi, “Ngifa nsuku zonke; nokho ngiyaphila, hhayi mina, kodwa uKristu uhlala kimi.” Niyabo, uKristu!

<sup>58</sup> Futhi uma nginitshela ukuthi umoya kaJohn Dillinger wawukimi, bengizoba nezibhamu lapha futhi ngibe umgulukudu, ngoba lokho bekungaba umoya wakhe—wakhe kimi. Uma nginitshela ukuthi umoya wengcweti, beniyongilindela ukuba ngipende isithombe sengcweti.

<sup>59</sup> Uma nginitshela ukuthi ngingumKristu, futhi uMoya kaKristu ukimi, noma ukuwe, khona-ke senza imisebenzi kaKristu. UJesu wathi, kuJohane oNgcwele, “Okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza.” Khona-ke Washo lapha, “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.”

<sup>60</sup> Manje, ukwedlula onyakeni, kube nesikhathi lapho lezi zibonakaliso singabalandelanga abakholwayo. Kunjalo. Umprofethi wakhuluma ngakho, futhi wakhuluma ngakho ngale kuZakariya, wathi, “Kuyofika isikhathi esingayikubizwa ngemini noma ngobusuku, kodwa ngesikhathi sokuhlwa kuyakuba ngukukhanya.”

<sup>61</sup> Manje, ilanga liphuma empumalanga futhi lishone entshonalanga. Aliguquki, yilanga elifanayo. Manje ngenkathi uMoya oNgcwele efikile, uJesu, iNdodana kaNkulunkulu, Ufika empumalanga, kubantu basempumalanga. Kade kulusuku... njengoba lihambile, njengoba impucuzeko ihambe nelanga, livela empumalanga liya entshonalanga, futhi manje sisoGwini lwaseNtshonalanga. Siyahamba siya phambili, sibuyela emuva empumalanga. Ngakho, awu, yonke into iqondise ekuFikeni kwaKhe. Sisesikhathini sokuphela. Yonke into ibonisa ukuthi lokho kukuyo yonke indawo.

<sup>62</sup> Manje, manje umprofethi wathi (Futhi akukho siprofetho esinga, esifanele sihunyushwe ngasese, njengoba uJesu asho; Siyilokho ngqo lokho eSikushoyo.): “Kuyakuba ngukukhanya kusihlwa.” Khona-ke iNdodana efanayo efika phezu kwabantu basentshonalanga futhi yakhombisa imisebenzi yaKhe nezibusiso zaKhe, kwaprofethwa ukuthi kwakuyoba nosuku oluhwaqabele; kungabi imini kungabi ubusuku, lolo usuku oluyisigayegaye, lokho kufana nolulufifi. Futhi awukwazi ukubona ilanga, kodwa ilanga nokho linikeza ukukhanya okwanele. Into ethize njengokungathi kuphandle lapho manje, mhlawumbe kuthe ukufiphala kancane. Futhi sibe nokwenele ukujoyina ibandla nokufaka igama lethu ezincwadini, nokunye nokunye, kodwa ngesikhathi sokuhlwa lawomandla amakhulu afanayo kaKristu ayofika phezu kweBandla laKhe njengalokhu kwenza emuva lapho kwelasempumalanga. Kwelasentshonalanga kuyoba yinto efanayo. Yingakho ngifuna ukukhuluma ngokuvangela ngesikhathi sakusihlwa.

<sup>63</sup> Umnyaka ngamunye ube nomyalezo wawo nezithunywa zawo. Kuzozonke izikhathi, yonke iminyaka ibiquesthe umlayezo wayo nesithunywa. UNkulunkulu, kuso sonke isimiselo sesikhathi, uthumele ngaphambili umuntu ogcotshwe ngoMoya oNgcwele, ukuletha uMlayezo waKhe walowonyaka, ngaso sonke isikhathi.

<sup>64</sup> Manje, singaqala emuva, ukukusekela kancanyana nje. Ngisho kusukela ekuqaleni, uNkulunkulu wayeyiSithunywa ekuqaleni, ukutshela u-Adamu no-Eva, “Niyakudla *lokhu*, kepha aniyikukwenza *lokhu*.” Lowo kwakunguMlayezo. Futhi uma umuntu eqa uMlayezo wehora, kwaletsa ukufa nenxushunxusu esintwini sonke. Manje, uMlayezo uchaza okungako. Futhi khumbulani ukuthi kwakungesikho nje ukwala okuphelele okungenalutho kwalokho uNkulunkulu akusho, u-Eva akukholwa, kwakungukuthatha lokho uNkulunkulu akusho futhi ukuliziba, noma—noma nje ukulihlanekezela kancanyana, ukwenezela nje kancanyana kuLo, noma ukususa okuncanyana kuLo.

<sup>65</sup> Yingalesosizathu ngikholwa ukuthi iZwi liyiQiniso. Uma izivumokholo zethu namahlelo ethu engezi ngokuphelele neZwi, khona-ke akulungile. Futhi uma uNkulunkulu engeke avumele, futhi iZwi laKhe lalibalulekile kakhulu, ukucaphuna nje ngokungesikho izwi elilodwa laLo kubangela konke, konke ukufa okwake kwenzeka, konke ukuhlupheka, yonke ingane ekhalayo, lonke udwendwe lomngcwabo, onke amathuna emmangweni, yonke i-ambulensi eyake yakhala, lonke igazi elake lachitheka, konke ukuguga nendlala nenkathazo esake saba nayo, ngoba nje iZwi likaNkulunkulu labalwa ngokungesikho, kwabangela konke lokhu, ngabe Uzokuthethelela yini esikhathini sokuphela uma siLibale ngokungesikho futhi na?

<sup>66</sup> Ngakho, niyabo, ubuKristu buyinto ebalulekile. Uma kubiza yonke leminyaka eyizinkulungwane eziyisithupha yenkathazo, ngenxa yeZwi elilodwa lisetshenziswe ngokungesikho, manje asibuyeli emuva ngelinye iZwi elilodwa elisetshenziswe ngokungesikho. Kuzofanele kube ncamashi neZwi, ngaphandle kokuhumusha kuka noma ubani, lokho nje iZwi elikushoyo! Ngakho indoda amaningi azohlangana ndawonye futhi athi lisho *lokhu*, futhi azovumelana, futhi amanye azosho *lokhu*. Kodwa Lithi, “Lokhu yilokhu!”

<sup>67</sup> Uma uNkulunkulu ezokwahlulela izwe ngebandla, khona-ke yilona liphi ibandla na? Uma Ezokwahlulela ngesizwe, yisona siphi isizwe na? Uzokwehlulela izwe ngeZwi, iBhayibheli. Ngoba, “Ekuqaleni wayekhona uLizwi, futhi uLizwi wayenoNkulunkulu, futhi uLizwi wayenguNkulunkulu. Futhi uLizwi waba yinyama futhi wakha phakathi kwethu.” Lowo kwakunguKristu, wayeyiZwi likaNkulunkulu lenziwe inyama, lakhulunywa yisidalwa esingumuntu.

<sup>68</sup> Manje, eNcwadini yeSambulo, Wathi, “Uma noma yimuphi umuntu eyosusa iZwi elilodwa lapha, noma enezele izwi elilodwa kuLo, okufanayo kuyothathwa, ingxenye yakhe, ikhishwe eNcwadini yokuPhila.”

<sup>69</sup> Ngakho niyabona ukuthi akusukho nje ukuthi, “Awu, ngiyakukholwa *lokhu*, kodwa angazi ngalokho.” Ufanele uLikhholwe lonke. Mhlawumbe awunakho ukukholwa ukuLimela, kodwa ungazami ukuma endleleni yomunye umuntu.

<sup>70</sup> Bengihlale ngithi ngifisa sengathi benginokukholwa, lapho impilo yami isiphelile, ukuba ngihambe njengo-Enoke, hhayi ukufa, kodwa nje ukuthatha ukuhamba kwantambama bese uya ekhaya noNkulunkulu. Ngingathanda ukwenza lokho. Kodwa uma ngingenalo lolohlobo lokukholwa, angeke ngime endleleni yomunye umuntu onalohlobo lokukholwa. Niyabo?

<sup>71</sup> Manje, sisesesikhathini sakusihlwa. Futhi izithunywa ezansi kudabule onyakeni... Sithola ukuthi ekuqaleni lapho isithunywa sasithunyiwe, uku—ukuhlanekezela iZwi laKhe noma ukungabaza iZwi elilodwa, kwakungushabalalisa nokuhlukanisa kwaPhakade kuNkulunkulu, ukuhlanekezela leloZwi lesithunywa. Futhi iSithunywa sokuqala kwakunguNkulunkulu qobo lwaKhe. Futhi i... Sonke esinye isithunywa bekunguNkulunkulu ekhuluma ngomuntu, selokhu, okuyiZwi likaNkulunkulu, ngoba akukho muntu khona-ke ngaYe ukuba akhulume ngaye kodwa nje loyo oyedwa Ayekhuluma kuye. Kodwa njengoba Enza umuntu futhi wahlenga umuntu, bekunguNkulunkulu ekhuluma ngomuntu. Akasebenzisi o—okusebenzelayo kwe—kwezihlaziyi zomshini, kodwa okusebenzelayo komuntu, umuntu ozinikele futhi ohlukaniselwe kuNkulunkulu.

<sup>72</sup> Singakwehlisela kanjani kwedlule kubaprofethi, noSamsoni, futhi kwehle njalo kudabule kuze kube yilonyaka wamanje. Bekuhlale njalo kungumuntu ngayedwa noNkulunkulu. Manje, unyaka ngamunye, ngathi, ubunomlayezo wawo nesithunywa sawo. Manje sithatha omunye unyaka emva konyaka wase-Edeni, ukuthola nje isendlalelo esincanyana. Manje, emva konyaka wase-Edeni kufika unyaka kaNowa. Manje lapho izwe...sasi...Ngangikhuluma ngobunye ubusuku ezansi eClarksville tabernakele, phezu kwesihloko esithi isibonakaliso sesikhathi sokuphela. Futhi khona-ke ngobunye ubusuku, ngoLwesine ebusuku, ngokubandakanywa noJesusu. Futhi manje kulokhu kusa kumvangeli wesikhathi sokuphela, ukuvangela, ngiyaxolisa.

<sup>73</sup> Manje, ngaphambi nje kokubhujiswa komhlaba ngamanzi nesikhathi sezikhukhula, awu, siyathola ukuthi babe nempucuko enkulu kakhulu kunoma sinayo namhlanje. Ngikholwa ukuthi babenokulawula kwamandla e-atomu. Ngicabanga ukuthi yilokho okwamazamisa umhlaba usuka emkhondweni wawo. Ngama eBritish Ice Fields; ukumba phansi amafidi angamakhulu amahlanu, ukukhipha amasundu, lapho okwavamise ukuba namasundu khona, futhi iminyaka engamakhulu amaningi edlule. Futhi siyafundiswa futhi siyazi ukuthi izwe limile ngokuqondile. Kodwa, futhi babenokunjengomshini nesayensi enjalo kuze kuthi babengakha isivivane, ibhubesi elikhulu elinekhanda lomuntu, kanjalonjalo, esingeke sakukhiqiza namhlanje. Asinayo imishini yokuphakamisa lawo mabloks ngokuqhele kangako, niyabo, ngaphandle kokuba kube yi-atomu; amandla kapetroli ngeke akwenze, namandla kagesi ngeke akwenze. Kodwa kwakungomunye umnyaka uthe ukuhlakanipha kakhudlwana kunowethu.

<sup>74</sup> Futhi ngaloyonyaka, uNkulunkulu wabiza indoda ebizwa ngoNowa, indoda nje ejwayelekile, umlimi, ngoba watholakala enokumesaba uNkulunkulu esizukulwaneni sakhe. Futhi uNkulunkulu wasebenzana nalowomuntu oyedwa odabeni lo “kwakha umkhumbi,” ngoba, isono, siyaqaphela ukuthi ngalesosikhathi ukuthi “Amadodakazi o—omuntu,” iBhayibheli lathi, “abona...amadodana kaNkulunkulu abona amadodakazi abantu.”

<sup>75</sup> Ukukuxoxa, lapho iningi lababhali licabanga ukuthi lawo kwakungamadodana kaNkulunkulu ukuthi izingelosi ezawayo zazicindezela emoyeni. Angiboni ukuthi umuntu angakucabanga kanjani lokho. Lokhu bekungamenza umdali, kwenze uSathane umdali. USathane akasiye umdali, uSathane ngumphendukezeli wokudaliweyo, niyabo, konke. Amanga yiqiniso kuphela elishiwo ngokungesikho. Ukuphinga yisenzo esilungile esihlanekezelwe. Niyabo? Futhi yilokho



ngempela isono esiyikho. USathane angeke adale, kuphela angaphendukezela lokho okudaliwe.

<sup>76</sup> Ngakho kwakungamadodana kaNkulunkulu, okwakungamadodana kaSeti avela ozalweni lukaNkulunkulu, ngo-Adamu; futhi amadodakazi kaKayini, uSathane, “Futhi lapho ayebone ukuthi ayebukeka, emahle.”

<sup>77</sup> Futhi siyaqaphela phakathi lapho, lokho kukhuphula izithombe ezinjengezeminyaka embalwa edlule, asithi iminyaka eyikhulu edlule, ukuthi ubuhle babesifazane sebufike badlula kanjani ubuhle obabuvamise ukuba abesifazane babenabo. Uma uzofunda uGenesisi 6, uzothola isithombe esihle sakho lapho. Ayemahle. Futhi abesifazane namhlanje babukeka kakhudlwana kunoma babevamise ukuba njalo. Kungenxa yezingubo zabo zokugqoka nenkambiso yabo yesimodeni. Yilokho okubakhiphayo.

<sup>78</sup> Nginesithombe sikaPearl White, kwakulapho uScott Jackson ambulala khona, wambokoda ngommese esifubeni sakhe, isithandwa esiyimfihlo, futhi isizwe esikhulu sazamazama ngeculo likaPearl White. Wayefanele ukuba ngowesifazane omuhle kunabo bonke labo ababekhona ezweni ngalezo zinsuku. Kungani, wayengaba yinto eseleyo esitaladini namhlanje, kwabanye balaba besifazane.

<sup>79</sup> Noma, buyela emuva esikhathini sikaClara Bow, lapho eqala ukuqala ihlazo lokwehlisa amasokisi akhe amade abe ngaphansi kwamadolo akhe, futhi ethi, “Bagingqeni, mantombazane, bagingqeni.” Ngiyakhumbula ukuthi ngisemncane. Futhi ngathatha isithombe sikaClara Bow ngase ngisiqhathanisa nabanye onobuhle banamhlanje. Niyabo?

<sup>80</sup> Futhi lokho yisibonakalis sesikhathi sokuphela. UJesu wathi, “Njengoba kwakunjalo ezinsuku zikaNowa, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu.” Futhi ngokuqhubekayo bayazikhumula qobo lwabo. Kuyini lokho na? Amadodakazi kaKayini. Yingakho sithathwa njengabangahlakahlile nezinhlanga uma sizama ukuchaza futhi sisho iqiniso leVangeli ngakho. Kodwa ngokuqhubekayo bayazonakalisa qobo lwabo futhi baphumela emgwaqeni futhi—futhi beziphathe ngendlela abenza ngayo, futhi abaqondi ukuthi bayophendula ngoSuku lokwaHlulelwa. Manje, owesifazane ozigqokisa ngokungafanele, ngokukhanukisayo, futhi ungahle ubemsulwa njengomnduze kumyeni wakho, noma esithandweni sakho, isoka lakho, kodwa lapho isoni sidlula emgwaqweni futhi sikubuke futhi ugqoke ngaleyondlela, sizokukhanukela ngoba uziveze wena uqobo kuso ngaleyondlela.

<sup>81</sup> Akusibo abantwanyana abadinga ukushaywa, ngubaba nomama, ngokubadedela benze kanjalo. Lokho, akusibo ubuhlongandlebe bentsha, ngubuhlongandlebe babazali. Futhi ngicabanga ngenqwaba yobuhlongandlebe bepulpiti, ngoba

bavele babadedele nje bedlule futhi bangasho lutho ngakho, lapho kukhona phakathi eZwini.

<sup>82</sup> Manje, manje iBhayibheli, uJesu wathi, “Obuka owesifazane amkhanukele, usevele,” inkathi edlule, “usephingile naye enhliziyweni yakhe, kakade.” Futhi uma lesosoni siya ekwahlulelweni ukuba siziphendulele ngokuphinga, kuyondiza kubuyele emuva ngqo, “Waphinga nobani na?” Nawe! Nakuba ungaze usenze isenzo, kodwa iBhayibheli lathi unecala, noma kanjani. Ubani okufanele asolwe na? “Obuka owesifazane amkhanukele, usephingile vele naye enhliziyweni yakhe.” Ubumqoka bakho!

<sup>83</sup> EJeffersonville namhlanje, kukhona amashumi ayisishiyagalolunye nesishiyagalolunye namashumi ayisishiyagalolunye nesishiyagalolunye amashumi amaphesenti owesifazane abanecala phambi kukaNkulunkulu. Isizwe sonke singaleyondelela. Ngani na? Ubuhlongandlebe epulpiti, ukutshela abantu; nobuhlongandlebe emakhaya, ukuvumela amatshitshi angene emgwaqweni futhi aziphathe kanjalo. Futhi bakubiza ngokuthi “kulungile.”

<sup>84</sup> Manje, yilokho impela uNowa okwadingeka alwe nakho osukwini lwakhe. Amadodakazi abantu ayemahle, futhi amadodana kaNkulunkulu awabheka. Niyabo, ukukhanuka kuyabuya futhi. Kodwa uNowa, o, besingahlala lapho amahora amaningi. Kodwa uNowa wayeyindoda elungile, emesabayo uNkulunkulu, eqotho, futhi wakhala kakhulu ngokumelana nokunjalo. Futhi bambiza ngendoda ehlanyayo. Abahleka usulu, iBhayibheli lasho, ukuthi bamhleka usulu, bahlekisa ngaye. Kodwa wathi, “Kuza isikhathi ukuthi isiphepho, amanzi azowa evela ezibhakabhakeni.” Kwakungakaze kube khona imvula. Futhi iVangeli lakhe alizange limele ukucabanga ngokwesayense yangalolosuku, ngoba kwakungekho mvula esibhakabhakeni.

<sup>85</sup> Futhi, namhlanje, umcabango wesayense yamaqembu esimodeni abizwa ngawenkolo azamile ukufakazisa ukuthi leNto ebusisiwe esinayo, ebizwa ngoMoya oNgcwele, ngamadlingozi kuphela. Niyabo, akumile nje ngokomcabango wabo wesayense. Awu, ngingathanda ukubabuza lokhu, yini ebenza bashintshe na? Yini eyenza isidakwa siyeke ukuphuza na? Yini eyenza unondindwa ayeke ukuphila impilo engcolile na? Yini eyenza umdlavuzwa futhi ne—nezifo zisuke kubantu, nezithulu, izimungulu, nezimpumpithe, nabafileyo bavuke na? Chaza lokho. Ngabe lokho amadlingozi na? Kunamadlingozi ngakho, impela.

<sup>86</sup> Noma yini ephilayo inamadlingozi, futhi noma yini engenawo amadlingozi ifile. Ngiyaxolisa ngesisho, kodwa ngicabanga ukuthi sifanele singcwabe enye yenkolo yethu engenamadlingozi, ngoba ifile. Ayinamadlingozi kuyo. Noma iyiphi inkolo engenawo amadlingozi ifanele ingcwatshwe, ehhe, ngoba, Ingamadlingozi!

<sup>87</sup> UJesu, lapho engena emzini, abantwana nabo bonke, bonke abangane baKhe, bememeza, “Hosana! Kuye ozayo eGameni leNkosi!” Futhi labosonkolo bangalolosuku abakumelanga, kwakunamadlingozi kakhulu. Wathi, “Uma bethula, amadwala ngokushesha azomemeza kakhulu.” Niyabo? Okuthile kuzomele kumemeze kakhulu, ngoba ukuphila kwakulapho.

UNowa wayenesikhathi esesabekayo, kodwa ekugcineni ngelinye ilanga wayenokulingwa.

<sup>88</sup> Futhi bonke labo abahamba noNkulunkulu unezilingo, ukholo lwakho luyavivinywa. Uma uqala ukuphilela Yena, khona-ke bonke omakhelwane bazokhuluma ngawe, yonke into izohamba ngokungalingile kuwe. Khumbulani nje lokho, ngoba nguNkulunkulu ekulinga. IBhayibheli lathi, “Yonke indodana eza kuNkulunkulu ifanele kuqala ifakazelwe, ilaywe, ukuqeqeshwa komntwana.” Njengoba ubabayi wami angiqeqesha lapho ngangenze okungalingile, babe—babene—nemithetho-eyishumi ilengela phezulu komnyango, kwakuyingatsha ethi ayibe *ngaka* bude; futhi uMnu. Branham wayeyindoda enhle kakhulu engalweni yakhe, futhi wasikhiphela ngaphandle futhi wasiqeqesha. Futhi yileyo ndlela uNkulunkulu enza ngayo. Uyakuvininya, ukuqeqeshisa okomntwana, uyakukhulisa, ngoba ungumntwana waKhe; kukhona okuthile esikhathini esizayo kuwe, ikhaya eliseNkazimulweni. Futhi Uyakuqeqesha. Manje, yonke indodana ezayo ifanele ivivinywe.

<sup>89</sup> UNowa, umfanekiso manje wesimiselo sesikhathi sakhe, waba nokuvivinywa, ngoba uNkulunkulu wamtshela ukuba angene emkhunjini, futhi lapho esengena emkhunjini, umnyango wazivalekela wona. Futhi uNowa ngokungangabazeki watshela umndeni wakhe, “Qhaphelani kusasa. O, umnyango uvaliwe kulobubusuku, kodwa ekuseni kuzoba nemvula phezulu lapho ezibhakabhakeni.” Yayingakaze ibekhona ngaphambili, khumbulani.

<sup>90</sup> Futhi abahleka usulu, mhlawumbe abanye babo abangamakholwa ingxenye, bathi, “Asenyuke futhi sime. Niyazi, leyondoda endala kungenzeka ukuthi ibiqinisile.” Bama eduze komkhumbi, belindile, niyazi, futhi bacabanga, “Awu, manje, kungenzeka ukuthi uqinisile.” Futhi bakhuphuka. Futhi ngokusa okulandelayo, ilanga laphuma nje lilihle, linqamula.

<sup>91</sup> Niyazi, futhi akungabazeki kodwa lokho uSathane akuhlela phezulu lapho esicongweni saleyombobo emkhunjini, lelofasitela, wathi, “Ucabanga ukuthi usaqinisile na?” Awu, yileyo ndlela udeveli asenza ngayo sonke. Kodwa inqobo nje uma uNkulunkulu esho njalo, hlala naKho! Lokho akunandaba ukuthi ini, hlala kuKho ngqo.

<sup>92</sup> Usuku lwesibili lwedlula, usuku lwesithathu lwedlula. UNowa wayejuluka. Kodwa, ekugcineni, emva kwezinsuku

eziyisikhombisa! Futhi lokho kwakungoFebhuwari 17 lapho engena phakathi. Kwase kuthi-ke emva kwezinsuku eziyisikhombisa, khona-ke ngalokho kusa ngenkathi evuka, imidumo yayibhavumula, amathonsi amakhulu kakhulu emvula ayeqathaka ngalapho. Labo ababekhuphukile futhi bahlala usuku noma ezimbili, ukuze bathole, bathi, “Awu, sizohamba futhi sibone uma kukhona okwenzekayo,” sasesedlule kakhulu isikhathi ngaleyonkathi. Bangqongqotha, bamemeza. Imigwaqo yagcwala amanzi, aqala ukuphakama emmangweni. Abantu baya ezinkangala. Bazama ukugibela imikhumbi, nokunye nokunye, kodwa uma umkhumbi wawungakhiwanga nguNkulunkulu, lokho okukhulu ukuzamazama komhlaba ngalesosikhathi kuwuzamazamise kuwushonise phansi ngaphansi kwamanzi ngqo.

<sup>93</sup> Wena uthi, “Noma yimuphi! Ngakho nje ngithole inkolo, kuzoba kahle.” Qhabo, akunjalo. Kuzofanele kube ulwazi lokuzibonela olwaxhiwe nguNkulunkulu enkolweni. Niyabo? Yonke enye iyoshabalala. Angisho lokhu ukuba ngehluke. Ngisho kuphela nje ngenxa yothando, futhi ngazi ukuthi ngi—ngizodingeka ngiphendule ngalolosuku, futhi ngibophezekile. Ngakho uma nje ngisho lokho Akushoyo, khona-ke ngiyazi ukuthi kulungile. Kodwa uma ngizama ukufaka isivumokholo somunye umuntu noma ukucabangela kuyo, a—angeke ngikwenze, anginakho ukukholwa kukho. Ngikholwa nje yilokho Akushoyo.

<sup>94</sup> Manje qaphelani, emva kwesikhashana kwaya ngokuya kwajula, futhi kokuphezulu kunakho konke. Bangqongqotha emnyango, bamemeza, bakhala. Akwenzanga nokuncane okuhle. Mhlawumbe izinsuku ezimbalwa ngaphambili, ngenkathi befaka izilwane lapho, sengiyabezwa abanye abahleka usulu bethi, “Qhubekani ningene lapho nezilwane zenu ezinukayo. Hlalani nakho konke ukunuka kwenu uma nithanda.”

<sup>95</sup> Lokho nje yinamuhla, bakutshela into efanayo. “Qhubeka, ube yimfashini endala uma ufuna. Sizoba nesikhathi esimnandi sokuzijabulisa.” Qhubekelani phambili, makuhambe. Kodwa, o, mfowethu, ukuba seMkhunjini, umnyango uvaliwe! Lokho, yileyo nto.

<sup>96</sup> Kodwa uNowa, ngosuku lwakhe, kwakunzima kuye ngesimiselo sesikhathi sakhe, niyabo, ngoba abantu babengakaze bazwe ngento enjalo, kodwa kuza nje ngokufanayo. Khona-ke siyathola enkundleni, kuza emva kokukhululwa kukaNowa nokunye nokunye, futhi umhlaba uqala ukukhula futhi, futhi—futhi yonke into eyayiphefumulela umoya yabhubha. Futhi khona-ke siyathola futhi ukuthi kufika isikhathi, ngaleyonkathi, uNkulunkulu wayekhipha abantwana baKhe eGibhithe, ukuthi uMose wafika nomthetho. Kwakunzima kakhulu kubantu ukuba bawuqonde, kepha

isimiselo sesikhathi sasishintsha siya emthethweni. Kwase kuthi-ke emva kokufika komthetho, uMose ezama... Kwakunguthisha. Abantu babephila nje ngendlela ababeyifuna, ngakho-ke uthisha, umthetho, wawungukuthi, iBhayibheli lathi, ukuletha abantu ukuba baqonde ukuthi kwakungalungile, ngakho wabanika imiYalelo eyiShumi. Kwakuwushintsho ngempela, abantu babengafuni ukuyemukela. Kulungile.

<sup>97</sup> Khona-ke emva kukaMose, kufika uJohane. Futhi emva kukaJohane, isimiselo sesikhathi siyafika, wethula uJesus. Futhi lapho uJesus efika ukuzama ukusilethela umusa, okwakunguNkulunkulu eMoyeni, emgqeni kaMoya, ebonakalise uthando lwaKhe, “Ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka waze Wanikela ngeNdodana yaKhe ezelwe eyodwa,” futhi uJesus wayehluka kakhulu futhi ephambene nomthetho, niyabo, kodwa kwakuyisimiselo sesikhathi esihlukile, isikhathi esihlukile.

<sup>98</sup> Futhi khona-ke lapho uJesus esuka, Wakhuluma ngalesimiselo sesikhathi sikaMoya oNgcwele, ukuPhila okungaphakathi, uFakazi waKhe wovuko. Nginenqwaba yemiBhalo lapha, kodwa nje anginaso isikhathi sokungena kuyo, ngizovele nje ngiyifishanise. Kulungile. Bekuhlale njalo kuyiqiniso futhi no-nokulwa, lapho isimiselo sesikhathi esisodwa sishintsha kusukela esimiselweni sesikhathi esidala kuya eMlayezweni wesikhathi samanje, bekulokhu kungukulwa nabantu. Ba-ba-ba...Kunguku, nakuba bekuhlala kungokomBhalo. Kodwa ngesikhathi uNkulunkulu emnika isimiselo sesikhathi nento ethize ukuba baphile ngayo, noma okuthize ukuba bakwenze. Manje siyathola ukuthi ngokushesha ngemva kokuba leso simiselo sesikhathi sinikeziwe, amadoda omhlaba azama ukuthola into ethize ukuphikisa lokho, futhi into ethize ukwenza udaba olwenziwe ngumuntu lwakho.

<sup>99</sup> Emva kokuba uNowa esenomkhumbi, futhi khona-ke masinyane emva kwalokho, uNimrode, lelo hlubuka, wakha umbhoshongo, futhi wathi, “Uma izikhukhula zizofika, sizovele nje sikhuphuke futhi sibe ngaphezulu.” Futhi khona-ke uNkulunkulu uyafika nomthetho lokho nje...Niyabo, lesosimeselo sesikhathi sihlale isikhathi saze saphela.

<sup>100</sup> Futhi ngenkathi uJesus efika, futhi, emva komthetho, umthetho wawukhuluma ngoMose futhi...wakhuluma ngokuza kukaKristu. Kodwa ngenkathi Esefikile, babehleli kakhulu emasikweni awobaba, babe nezivumokholo zabo, babe nezimfashini zabo, babe namabandla abo, babebohlile, ngakho kwakunzima kakhulu ukuba uJesus azame ukuzamazamisa lowombuso (lelobandla) esivumwenikholo, ukuMkholwa. Futhi noma kunjalo imiBhalo kakhulukazi yakhuluma ngalona Oyedwa yonke indlela kusukela esimiselweni sesikhathi sokuqala sase-Edene, “INzalo yakhe iyakulimaza ikhanda

lenyoka.” Wathembisa uJesu ngasinye sesimiselo sesikhathi, futhi, lapho Efika, abazange baMqonde, ngoba babeboshelwe kakhulu esivumwenikholo sabo. Kodwa nokho kwakuyiqiniso langokomBhalo. Isithunywa ngasinye noMlayezo waso sabikezela omunye olandelayo, isikhathi ngasinye. UMose, abaprofethi babikezela, uMose wabikezela ngokuza kukaJesu. UMose wathi, “INkosi uNkulunkulu wenu uyakunivusela uMprofethi onjengami.” Zingaki izikhathi besidlula kulokho eMilayezweni yethu emhlabeni jikelele, ukuthi uMesiya ozayo kwakuzomele kube nguMprofethi!

<sup>101</sup> Yingakho owesifazane onegama elibi, ngokumelene nabo bonke abefundisi, wawukholwa uMlayezo. Owesifazane waseSamariya, lapho uJesu wayekhuluma kuye, Wathi, “Ngiphuzise.”

<sup>102</sup> Wathi, “Awunayo into yokukha. Akusilo isiko kuWe ukuba ucele kimi, owesifazane ongumSamariya.” Futhi ingxoxo yaqhubeka.

Khona-ke Wathi, “Hamba ulande indoda yakho uze lapha.”

Wathi, “Anginayo.”

<sup>103</sup> Wathi, “Kunjalo, ubunayisihlanu, futhi naleyo ohlala nayo manje akuyona eyakho.”

<sup>104</sup> Wathi, “Mnumzane, ngiyabona ukuthi UngumProfethi. Manje, siyazi ukuthi kuza ushintsho lwesimiselo sesikhathi. Kukhona Ozayo Ozoba ngogcotshiwe, obizwa ngoMesiya, uKristu kaNkulunkulu, futhi, uma Efika, Uyoba yilowomProfethi.” Wayazi kakhulu kangakanani lowo wesifazane kunabo bonke abashumayeli bangalolosuku! Yebo. Futhi yena esimweni sakhe, niyabo, wawuqonda umBhalo. Nokho, engowesifazane omncane ozihluphekelayo, eshade namadoda ayisihlanu, futhi ehlala neyesithupha, futhi nokho wayazi okuningi mayelana nemiBhalo, ngoba waWuthatha nje ngenani laWo eligcwele. Futhi wathi, “Uma Efika, Uzoba ngumProfethi.”

Wathini uJesu kuye na? “NginguYe.”

<sup>105</sup> Futhi washiya imbiza yakhe futhi wagijimela emzini, wathi, “Woza, nibone uMuntu ongitshela izinto engizenzile. Ngabe akusiyena impela lowoMesiya na?” Niyabo? NguYe.

<sup>106</sup> Manje, niyabo, wa—wayazi ukuthi Wayeza, ngoba abaprofethi nomBhalo wawukade, ezinsukwini zikaMose, nasezinsukwini zabaprofethi, futhi yonke indlela emuva kulesosimiselo sezikhathi ngasinye, babeshilo ukuthi, “Uzoba lapha, futhi yilokhu Azoba yikho!” O, he!

<sup>107</sup> Uma abantu bebengabona lokho kuphela namhlanje, khona-ke bebezolwazi usuku esikulo. Bazobona ukuthi isithembiso sikaNkulunkulu salolusuku. UNkulunkulu washo ukuthi kuyoba ngalendlela. Akukho okuyiphutha, iwashi elikhulu

likaNkulunkulu lishaya nje ngqo isikhathi esifanale. Futhi, ngisho nangokwesayense, sekuyimizuzu emithathu kube phakathi kwamabili. Ngakho, niyabo, ukugadla kungahle kufike noma ngasiphi isikhathi. Futhi lokho sekube yiminyaka emibili noma emithathu edlule selokhu basho lokho. Niyabo, sisesikhathini sokuphela. Kodwa, niyabona, sizishintshile izimiselo zesikhathi ukusuka onyakeni webandla omdala wasemuva lapha lapho lolosuku lukhwantabele lwalukhona, ukujoyina nje ibandla futhi ufake igama lakho encwadini; kuze kuthi ukuKhanya kwakusihlwa, ukubuyisela, ukubuya futhi kukaMoya oNgwele phezu komhlaba, elinye ipentekoste, esinye isibonakaliso, enye into yayizokwenzeka. Futhi abantu abaYikhohwa, ngoba bahlelwe kakhulu njengoba babenjalo ngezinsuku zikaJesu. Niyabo? Wasitshela ngalolusuku. Ngenkathi Wayeselapha emhlabeni, Wafika ncamashi ngokomBhalo; khona-ke Wabikezela ngalolusuku oluzayo.

<sup>108</sup> Manje, manje sifuna ukucabanga ngomunye lapha. Nginge... Uma ufuna ukufunda okunye kwawo, uMathewu 24. UJesu wakhuluma ngalolusuku, Wathi amaJuda azobuthana futhi ngosuku lokugcina. Wathi, “Uma nibona umkhiwane usuhlumile, yazini ukuthi isikhathi sesiseduzane.” Wathi, “Kuyobakhona ukudideka kwesikhathi, usizi phakathi kwezizwe, ulwandle lubhonga; inhliziyo yomuntu yehluleka inkathazo, njalondalo.” Akukho phakathi kwabesifazane, manje. Kuphakathi kwamadoda. UJesu akakaze athi abesifazane; “amadoda.” Bukani izinhluho! Futhi ngalolosuku kuzokwenzekani! Lokho kuzoba isibonakaliso sesikhathi sokuphela, “Izinhliziyi zehluleka, ukwesaba, ukudideka.” ISambulo, ngenkathi Kukhuluma, umprofethi ekhuluma ngalolusuku, washo ukuthi kuzofika isikhathi lapho ibandla liyoba yisivivi, uNyaka weBandla laseLawodikeya ezinsukwini zokugcina. Niyabo? Kuyini na? NguJesu (unyaka wokugcina) ebikezela ukuphela kwalonyaka.

<sup>109</sup> Ngokufanayo nje njengase-Edene, njengaphansi esikhathini sikaNowa, naphansi esikhathini sikaMose, phansi esikhathini somthetho—mthetho, bese kuthi-ke isikhathi somusa, futhi manje esikhathini sokuhlwa. Kunomunye abaningi lapho ukuba besi—sinesikhathi, kodwa ngisanda kubeqa nje ngoba angeke sibe naso isikhathi. Soyedwa esho ukuthi kuyobanjani onyakeni olandelayo, kodwa ibandla liba yisonto kakhulu nezivumokholo zabo, ngemibhedsho yabo, nokuzenzisa kwabo nezichasiselo ezibonwa ngokucabanga okwenziwe ngumuntu, baze bageje leloZwi. Manje seningabona ukuthi ukuvangela kwesikhathi sakusihlwa kuzoba yini. Niyabo? Kuyini na? Labo abaKuthwalayo bazobizwa ngokuthi bayahlanya. Bazohluka kakhulu! Babenjalo ngesikhathi sikaNowa, babenjalo ngaso sonke isikhathi. Bakhishelwa ngaphandle emabandleni abo ngoba babekholelwa kuJesu, noma yimuphi umuntu owayeMlalela wayedingeka axoshwe ebandleni labo. Niyabo?

Kodwa Wayenaleso simiselo sesikhathi, leso kwakuyisikhathi saKhe, isimiselo sesikhathi seNdodana.

<sup>110</sup> Manje, siyathola futhi ukuthi uMoya oNgcwele omkhulu waprofetha ngalokho. Niyafuna ukubhala phansi eminye yalemiBhalo, uMathewu 24, bese kuthi-ke nifake uThimothewu wesiBili 3:1. UMoya oNgcwele ukhuluma ngonyaka wobuhlakani omkhulu esikhathini sokuphela. Benikwazi lokho na? Kungani kunjalo na?

<sup>111</sup> Joseph, uhambe nami kaningi lapha esizweni futhi uyizwile imihlangano phesheya kwezilwandle. Ngiya phesheya futhi ngibe nekhulu namashumi amahlanu, izinkulungwane ezingamakhulu amabili, izinkulungwane ezingamakhulu amahlanu, futhi abantu nje. . . Into eyodwa kuphela, oyibonayo yenziwa nsuku zonke, ukuthi imihlangano uyaqhubeka, cishe, lapha etabernakele; kuze kube yishumi, amashumi amabili nezinkulungwane ezingamashumi amathathu ziyowela ezinyaweni zabo. . . ngezinyawo zabo, ukudumisa uNkulunkulu. BayaKubona. Yini indaba, kungenzeki eMelika na? Yisikhathi sobuhlakani. Bafuna umuntu othize ongeke akhulume ngokwahlulela, hhayi ngalezizinto, ngoba kuyabehlukanisa enhlanganyelweni yabo namaqembu abo na—namadlangala abo, ne—nezinto zokungamesabi uNkulunkulu abangabazo. Ngakho-ke, uma umelusi wabo ezobiza igama elifana nalokhu, ibhodi labadikoni lizomxosha, futhi lifake omunye, omunye uricky osemusha noma into ethize. Niyazi ukuthi ngiqonde ukuthini.

<sup>112</sup> Ngi. . . Ngiyaxolisa ngalokho, niyabo, a—angiqondanga khona lokho, niyabo, kodwa mina ngezinye izikhathi ngithola ukushisekela ngokweqile, ngiqagele. Kodwa ngiqonde. . . uRicky ulungile. Angilithandi nje igama, kunjalo. Kodwa bhaka lokho phezulu ngokwezibalo, ubuyomqamba kabusha umntwana wakho. Yebo, mnumzane. Manje, uRicky noma u-Elvis, noma into enjalo, o, bakithi! Ngakho, o, noma kunjalo, manje, uyabo bafanele. Babengenawo lawomagama edlula, azofanele afike. Lona ngunyaka wawo ukuba abe lapha. Impela. Kunjalo impela.

<sup>113</sup> Manje, “Futhi manje uMoya uyasho.” Manje lalalani, ngiyanicaphunela okuvela emBhalweni.

*Kepha uMoya ukhuluma ngokucacileyo, ukuthi ngezikhathi zokugcina, niyabo, izikhathi zokugcina abanye bayakuhlubuka ekukholweni, benaka omoya abadukisayo, . . . zimfundiso zamademoni; nokunye nokunye, niyabo.*

<sup>114</sup> Bukani ukuthi bayobanjani, “Abanamawala, abakhukhumele,” izikhulu. Ngiyaxolisa ngakho, kodwa niyazi ukuthi yini esiyibiza ngesikhulu, isisho sasemgwaqweni manje. Siyakwazi sonke kangcono ukukusho kanjalo.



“Abanamawala, abakhukhumele, abathanda injabulo kunokuthanda uNkulunkulu.”

<sup>115</sup> Ngimile izolo lapho, ngibuke kulelodamu lokubhukuda ngezansi kwethu nje. Futhi, ngimangalile, lapho umuntu, onguthisha kaSonto sikole, ethe kimi, “Lokho kufanele kube seBhayibhelini, lapho uJesu aphimisa khona.” Wathi, “Kuphambene nemithetho yezenhlazeko lapho uJesu aphimisa futhi wenza, wathatha amathe aKhe.”

<sup>116</sup> Wayemile, ekhuluma, isiGrecki sasekuqaleni sathi “Wayephimisela emhlabathini.” Ekhuluma nalendoda, futhi ephimisela emhlabathini. Ngenkathi Edlula, Wathatha isandla saKhe, wehlela phansi, wacoshama amathe nothuli futhi wahlikihla emehlweni ayo, futhi wageza amehlo ayo, futhi wathi, “Hamba, ugeze echibini laseSilowama (wathumela) futhi amehlo akho azovuleka.” Futhi wahamba futhi wageza, amehlo akhe avuleka.

<sup>117</sup> Ngakho lomfo wathi kimi, “Lokho ngeke kusebenze namhlanje. Lokho kuphambene nemithetho yezenhlazeko, imithetho yezempilo.” Futhi khona-ke leyondoda efanayo yehlisa umndeni wayo, unkosikazi nabo bonke labobantwana lapho kulelochibi lokubhukuda lapho bonke labo besifazane nabesilisa, futhi kulawomanzi ngezikhathi zenyanga lapho babengafanele ukuba bangene, nakho konke lokho. Abayi ngisho ezindlini zangasese ngezinye izikhathi, na—nayo yonke imizimba engcolile nokungcola phakathi lapho, futhi nabo bekuphimisa ngemilomo yabo, namehlo, nezinto kanjalo. Futhi khona-ke basho lokho uJesu ephimisela emhlabathini futhi enza indoda ukuba ibone!

<sup>118</sup> Ngaletsha umfanyana evela lapho ngolunye usuku, wathi, “Ngigwinye amanye alawomanzi,” wathi, “Ngiyagula njengehashi. Ngi—ngiya ekhaya.” Umfo omncanyana mhlawumbe uhlezi lapha manje, ohlala enqodlaneni cishe ibanga lezindlu ezimbili noma ezintathu, lapho engamthatha khona, wathi, “Angeke ngiphinde ngingene phakathi lapho futhi.”

<sup>119</sup> Kodwa nokho lokho kubizwa “ngempucuzeko yesimanje.” Niyabona ukuthi nifinyelela kuphi na? Isisho esidala esithi “nivimba insensane futhi nginge ikamela,” niyabo. Ngishisekele nje ukuhlangana naye manje. Manje, nakho lapho okhona. Kungcono usuke kulezozinto, niyabo.

<sup>120</sup> Ohlakaniphile, “abanamawala, abakhukhumele, abathanda injabulo ngaphezulu kunokuthanda uNkulunkulu.” Ngicaphuna umBhalo. UMoya oNgcwele ukhuluma ngokucacile ukuthi lokhu kuzokwenzeka ngesikhathi sokuphela. “Abanamawala, abakhukhumele, benesimo sikankulunkulu-...” Awu, okokuqala, “Abangazithibi, futhi abazonda abalungileyo,” abazonda labo abakholwa iZwi. Niyababona na? Abavumelani nalezizivumokholo zamasiko nezinto, ngakho bayabazonda.

<sup>121</sup> Njengalabo baFarisi nabaSadusi, babemzonda uJesu. Ngani na? Ngoba Waye—Wayephelelana nesivumokholo sabo. Niyabo? Kungesikho ukuthi Wayefuna ukwehluka, kodwa, Ufanele aphile, WayeyiZwi, iZwi eliphilayo liphila. Wathi, “Uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi, khona-ke niNgangikholwa.” Niyabo?

<sup>122</sup> Awu, into efanayo inamhlanje. Uma indoda ishmayela lezizinto, futhi kungenzeki, khona-ke inephutha, ngoba umBhalo wathi kuyokwenzeka. Khona-ke uma kwenzeka, khona-ke kuqinisile; kungesikho ukuthi indoda iqinisile, kodwa iZwi liqinisile. Manje, kodwa lesi isimo esingene kuso namhlanje. Niyabona, bangane, kungokunengqondo nje. Niyakubona na? Ngiyakha phezulu lapha ukunikhombisa uvuthondaba lapha ekuvangeleni ngesikhathi sokuphela.

<sup>123</sup> Manje qaphelani ngalezizikhathi, iminyaka yobuhlakani, “Abanamawala, abakhukhumele, abathanda injabulo kakhulu kunokuthanda uNkulunkulu,” bahlala ekhaya ngoLwesithathu ebusuku ukuba babuke leyomidlalo emidala yenhlamba, “Sithanda uSusie,” noma “uLucy,” noma konke lokho kwaleyonto okuyikho, owesifazane oshade kadazini futhi ehlala nendoda, futhi nabo bephila... Futhi, o, he, bonke bashadile futhi behlukanisa, futhi beshade futhi behlukanise, futhi nibenza izithixo, njengokulunkulu. Kodwa niqoka ukuhlala futhi nibukele lokho kunokwethamela inkonzo yomkhuleko. “Abathanda injabulo kunokuthanda uNkulunkulu.” Ake kufike umdlalo webhola edolobheni, noma iColonels neGiants, noma yini okwakwenzeka ukuhlangana phandle lapha ndawondawo, bavala amabandla ukuze bahambe bakwethamele. Ake u-Elvis Presley ehlele lapha emgwaqeni, nesiginci sakhe, futhi asishwibe asiye emuva naphambili, noma abanye balabobafo, ngoLwesithathu ebusuku, izinkonzo zomkhuleko zizovalwa. “Abathanda injabulo kunokuthanda uNkulunkulu. Abanamawala, abakhukhumele, abangazithibi, abangenabumnene, abazonda abalungileyo. Benesimo sokumesaba uNkulunkulu!”

Wena uthi, “BangamaKhomanisi.” Qhabo, abasiwo.

<sup>124</sup> Bangamalungu ebandla, banesimo sokumesaba uNkulunkulu. Kodwa ini na? AMandla bewaphika! Banesimo sikaNkulunkulu, kodwa bathi, “UNkulunkulu akazenzi lezizinto. Niyabo, akukhoMandla kukho, uvele nje wemukele futhi wenze *lokhu, lokho*.” Niyabo, akukho shintsho lokuphila, akukho lutho, nje—nje kungokwebandla.

<sup>125</sup> “Benesimo sokumesaba uNkulunkulu, kepha aMandla bewaphika. Sukani kwabanjalo,” kwasho iBhayibheli. “Ngoba yiloluhlobo olungena izindlu ngezindlu, futhi ohola abesifazane abasindwa yizono, abaholwa yizinkanuko ezinhlonhlobo.” Yilokho kanye iBhayibheli elakusho. Manje siphila khona kanye

kulowonyaka. “Kepha yenza umsebenzi womvangeli, yenza ubufakazi obugwele benkonzo yakho.” Niyabo, yilokho-ke.

<sup>126</sup> Manje, ngalezizithunywa nofakazi esibabonayo, siyathola ukuthi yisiphi isivuno esikuso. Buka ukuthi yisiphi isivuno okuso kulokhu ukusa. Bukani ukuthi yisiphi isivuno esikuso. Ngani, Washo, ngakuloluhlangothi, lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo, bayobhuqwa futhi bahlekwe usulu njengasezinsukwini zikaNowa. Futhi *lapha* kuzofika leli elinye iqembu emuva lapha behlekisa ngabo, abanamawala, abakhukhumele, futhi benesimo sokumesaba uNkulunkulu, futhi bephika yona kanye into abayishoyo. Ngakho unga—ungabona ukuthi yisiphi isivuno okuso, niyabo, lezizithunywa zeqiniso zanamuhla! UJesu wabikezela ukuthi *lokho* kuyoba nguSathane nomlayezo wakhe. Futhi isithunywa saKhe siyoba *nalokhu* kuqhubeka, lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo. Niyabo, izithunywa zikaSathane ziyoba nesimo sokubesama uNkulunkulu. Izithunywa zaKhe ziyoba nalezizibonakaliso, ziphathe izinyoka, ziphuze izinto ezibulalayo, zikhiphe amademoni, zibeke izandla kwabagulayo, zemukele umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, izibonakaliso nezimangaliso. Manje, sikwesinye sezivuno, futhi sisesikhathini sokuphela. O, he!

<sup>127</sup> Akumangalisi umprofethi u-Isaya athi, “Umzimba wonke udlekile futhi ugwele izilonda ezinobomvu, yonke into.” Singayaphi na? Besingenzani ukuba sonke sihlangane ndawonye na? Bekuyokwenza kube kubi kakhulu kunanini, niyabo, bekuyoba khona lonke uhlobo lwezinto. Njengoba bezama u—uMkhandlu WamaBandla Omhlaba, akusoze kwasebenza, banabaphikiNkulunkulu, abangakholwayo. “Futhi banga—bangahamba kanjani ababili ndawonye,” kwasho iBhayibheli, “ngaphandle kokuvumelana na?” Niyabo? Futhi akekho wababili abangavumelana ndawonye.

<sup>128</sup> Insindiso iwudaba lomuntu ngamunye phakathi, hhayi ibandla, kodwa phakathi komuntu ngamunye noNkulunkulu. Ukuhamba neZwi! Yebo, mfowethu, njengoba sibona. Futhi ngiyazi sengiba leyithi impela.

<sup>129</sup> Qaphelani, isibonakaliso selambu elibomvu elikhulu elibanibanikayo sokuFika kwaKhe liphansi. Siyakwazi lokho. Ngingathatha nje eminingi imiBhalo lapha engiyibhale phansi ukunikhombisa, ini, sisesikhathini sokuphela. AmaJuda asebuyele ePalestine, umkhiwane usuhlumile. Izinhliziyi zamadoda zehluleka ukwesaba. Abesifazane, ukudlanga abakukho, bengingabuyela kanjani emuva eSambulweni futhi nginikhombise lesisizwe lapha siphawulwe ngabesifazane, inombolo yowesifazane, inombolo yeshumi nantathu. Sifanele, siqale, izifiki eziyishumi nantathu, imisho eyishumi nantathu, ishumi nantathu yonke into, izifundazwe eziyishumi nantathu,

yonke into, ishumi nantathu, izinkanyezi eziyishumi nantathu edoleni, yonke into ishumi nantathu nowesifazane.

<sup>130</sup> Ngesikhathi ngimile kungekudala eSwitzerland, futhi ngangikhuluma. Owesifazane wathi, “Mina, sifuna ukuza eMelika ukuze sikwazi ukuba nenkululeko njengabesifazane lapho.” Ngabatshele ukuthi benzani. “Qhabo,” bathi, “asikufuni lokho, khona-ke.” Niyabo? Niyabo?

<sup>131</sup> Kodwa yiMelika. Singabuyela emuva futhi sibonise lokho khona lapha, ukuthi lokho kufanele kube kulesisizwe esenyukayo lapho kungekhomani, akukho bantu. Siyakhuphuka njengewundlu, sinezimpondo ezimbili ezincanyana, impucuko namandla obufundisi, kodwa bahlangana ndawonye ngamandla ezombusazwe, uMongameli omusha esinaye, engenisa iRoma futhi.

<sup>132</sup> Ngifuna noma ubani angitshele, noma yimuphi usiyazi wezenkolo lapha noma kuyiphi indawo, lapho iBhayibheli lake labikezela ukuthi ubuKhomanisi buyobusa umhlaba. Ningabesabi ubuKhomanisi, akukho lutho kubo. Kuyinto mbumbulu uNkulunkulu ayisebenzisayo ukulaya izizwe ngakho, ukulaya isizwe. Impela. IBhayibheli lithi iRoma izobusa umhlaba. Bukani iNkosi uNebukhadinezari, iphupho lakhe, umbono wakhe, incazelo kaDaniyeli, ukuthi uyoba kanjani ngamunye imibuso nezimiselo sezikhathi ushaye nje ngokuphelele, futhi phansi ngqo ekupheleni kwakukhona iRoma. Ngakho, kuzoba yiRoma. Akuzukuba ubuKhomanisi, nje bayi—nje bayinhloko ngegama nje. Yilokho kuphela. Abasoze bayandawo. Qhabo, abasoze.

<sup>133</sup> Njengoba uJoseph esanda kuthi, “Inhliziyo ye-Afrika, labobahedeni abampofu emuva lapho akasoze abuswa ngokwenganyelwa. Sebevele babusiwe ngokwenganyelwa.” Yileyo indaba ngabo namhlanje, kade bebuswa ngokwenganyelwa. Bafuna uthando, bafuna uNkulunkulu. Futhi uma ubuKhomanisi bungamesabi uNkulunkulu, khona-ke abasoze bakwemukela lokho. Impela ngeke, impela qhabo.

<sup>134</sup> Ilambu elibomvu liyabanibanika. Iziboniso ziphansi. Ukufika kwaKhe kuseduze. O, he! U-Isaya, isahluko 60 nevesi 2, wathi, “Ubumnyama buyomboza umhlaba, futhi ubumnyama obuyisigayegaye buyomboza abantu.” Futhi kunjalo impela.

<sup>135</sup> Isithunywa sesikhathi sokuphela noMlayezo kuzofanele kuhlangane nezimo zesikhathi sokugcina. Anicabangi kanjalo na? LoMlayezo ubungenakushunyayelwa eminyakeni engamashumi amane edlule. Qhabo, uMlayezo wesikhathi sokugcina nesithunywa kuzofanele kuhlangane. Emuva lapho kulezozinsuku babenakho, mhlawumpe kwakungeke kusebenze. Kodwa kuzofanele kuphathelane nezimo zesikhathi sokuphela. Phendukani, kholwani izibonakaliso zeVangeli! Lowo nguMlayezo wanamuhla. Gezani imiphfumulo yenu

eGazini leWundlu futhi nikholwe iVangeli, ukuthi izibonakaliso zesikhathi sokuphela zilapha, imbewu yeVangeli yenzekile.

<sup>136</sup> Bakhuluma kakhulu ngenguquko, ngizohamba nabo kulokho, njengenguquko yokuvangela. *Inguquko* kuchaza “ukuhlanzwa.” Ngakho ngicabanga ukuthi sidinga isigejane sokuhlanzwa, sokungakholwa kwethu, futhi sikholwe iVangeli. Kunjalo. Okuningi kakhulu ukuzindla kwethu nezimangaliso. Inguquko! Ngisho igama elivamile ngesihumusho sesiGriki elithi *phenduka*, lichaza “inguquko.” Futhi inguquko ichaza “ukuhlanzisiswa,” lonke imuva, isikhathi esedlule, futhi ukholwe yiVangeli emandleni aLo nesibonakaliso. “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.”

Bathi, “Kuze nje kufike kulowonyaka.”

<sup>137</sup> Wathi, “Kuze kube sekupheleni kwezwe.” Manje, omunye umuntu uqinisele. Uma indoda engakholwayo yathi lokho nje kwakungokwabaphostoli kuphela, futhi uJesu qobo lwaKhe wathi “kuze kube sekupheleni kwezwe,” khona-ke ngizothatha iZwi laKhe ngakho. Lokho ngukuthi, Kulungile!

<sup>138</sup> UNkulunkulu ufuna abantu baKhe bahlukaniswe ekungakholweni nabangakholwayo. Ngakho abaningi benu bantu nenza iphutha kulokhu, ngezinye izikhathi ngokuvumela abantwana benu badlale phandle lapha no-Oswald omncane. Niyabo? Angiqondile ukwehluka manje, nesitashi, nokunye nokunye, futhi ngibe uhlobo oluthize lohlanya. Angiqondile lokho. Kodwa nivumela i...Qinisekani ukuthi ubani ophuma nendodakazi yakho ngesikhathi sasebusuku. Niyabo? Mhlawumbe wayikhulisa ngokumesaba uNkulunkulu intombazanyana endadlana ngasebandleni, futhi into yokuqala uyazi iphuma no-Oswald noma abanye babo, futhi—futhi ungumphikiNkulunkulu, ongakholwayo, futhi impilo yayo izokonakala futhi awumazi ukuthi uyini. Uyabona? Khona-ke uzoyishada, futhi bukani ukuthi abantwana benu bakuphi, abazukulu benu, khona-ke, uyabona. Qaphelani. UNkulunkulu ufuna abantu baKhe bahlukaniswe.

<sup>139</sup> Fundani u-Eksodusi 34:12 kanye, futhi nibone ukuthi uNkulunkulu wantshela ukuthini u-Israyeli. “Uma niwelela kulelozwe, hlanzisisani yonke into elapho. Ningazihlanganisi ngalutho nakho.” UJoshuwa futhi, isahluko 23 nevesi 12, bukani ukuthi uJoshuwa wathini, “Manje uNkulunkulu unilethe kulelizwe elihle,” njengeBandla manje, “futhi unilethe kulelizwe elihle. Niyalijabulela na?”

Bathi, “Amen, siyalijabulela.”

<sup>140</sup> Wathi, “Manje kukhona insali ethize, laba abangakholwayo phandle lapha, futhi ungazihlanganisi nabo. Ungahambi nabo.” Ungavumi, dadewethu, uma lowomfana efuna ukukuyisa ebhareneni ndawondawo, ukuba nje ubenophuzo oluncanyana

lobungani, qhela kuye! Futhi into efanayo, nina bafana, kuleyontombazane eyokwenza into efanayo. Qhelani kuwo!

<sup>141</sup> Manje uzothi, “UMfowethu Branham ungongahlakahlile ekhanda omdala.” Kodwa ngolunye lwalezizinsuku uzothola. Uyoba ngakulowomkhondo ebengikade ngingakuwo, uyo—uyokwazi ukuthi lokho kuqinisile. Yebo, mnumzane.

<sup>142</sup> Kukangaki ngibone, emakamelweni okuvuma izonu, lapho amantombazane asemancane eyongena e—ehlazweni. Lolophawu luyohamba naye aze afe, futhi izinto azisho: Owake wakhuliswa ekhaya elikahle lamaKristu, kodwa nakhu okwenzekile, waphuma nalomfana. Wayengobukekayo kakhulu wayengeke nje asuke kuye, futhi—futhi konke kanje. Futhi, into yokuqala, wayebhema osikilidi futhi eneflaski ephaketheni, futhi baphuza, futhi nangu wena lapha. Niyabo? Futhi nango lapho ehlazweni nalokho. O, kuyinto edabukisayo. Uyakubona nhlangothizombili. Ngakho nje qhela, zehlukanise! Yibani ngabakahle nabanomusa kuwo wonke umuntu, kodwa ningabi abahlanganyeli besono sabo. Qhelani kukho. Yebo, mnumzane.

<sup>143</sup> Futhi kuhlala njalo, bangane, abaholi, isikhathi ngasinye ekushintsheni kulezizimiselo zezikhathi, kube nabantu bonke baxovekile. Bekungekuningi kakhulu kubantu, uma iVangeli beliyodingeka lihlale epulpiti lapho Lingelakhona!

<sup>144</sup> Njengoba ngangikhuluma eBethany College lapho, amaLuthela. Wathi, “Mfowethu Branham, ucabanga ukuthi sinani na?” Futhi mina . . . wathi . . .

Ngathi, “Awu, nakhu okuyikho.”

<sup>145</sup> Wathi, “Yini umehluko phakathi kwalelipentekoste okhuluma ngalo nathi maLuthela na?”

<sup>146</sup> Ngathi, “Ibandla lePentecostal liyibandla lamaLuthela eliqhubekele phambili. Kunjalo impela. Uma ubuhlale lapho obufanele uhlale khona, ubuyoba yiPentecostal nawe.”

<sup>147</sup> Futhi sonke sikhuluma njengoba ngizwile omunye kulokhu kusa, ukuthi “Onke amabandla, yonke—yonke inkolo yasekuqaleni, onke amaKristu ngempela avela eRoma.” Ngifuna umuntu othize akufakazise lokho kimi. Ngizovuma ukuthi onke amahlelo avela eRoma. Kodwa amaKristu aqala eJerusalema.

<sup>148</sup> Ngakho uma umbuso ezindabeni ezingcwele weKatolika ufuna sonke sibuyele emuva kumama wezwe lonke elinenkolo yobuKristu, ngizovumelana naye ukuthi, asibuyele emuva ePentekoste futhi sonke sithole uMoya oNgcwele. Ngizovumelana naye lokho. Lokho, akukaze kuvele eRoma, Kuvela ePhentekoste. IBandla aligotshwanga eRoma, lagcotshwa ngoSuku lwePhentekoste. Impela, hhayi ngaphansi kwezimfundiso zabo, kodwa ngaphansi kombhaphathizo kaMoya oNgcwele. Yilokho engizama ukukusho. Uma sibuyela emuva, asibuyele emuva ekuqaleni kwalo; hhayi

emuva ehlelweni, yana eRoma, ngoba bangabokuqala ababanenhlango noma ihlelo, futhi lingumama wabo bonke.

<sup>149</sup> Futhi iBhayibheli lashi njalo, eSambulweni 17, “Uyisifebe, yena uqobo, nonina wezifebe, amadodakazi akhe.” Niyabo? Yilokho iBhayibheli elakusho. UJesu Kristu washo ukuthi, “Lelobandla eliRoma Katolika laliyisifebe, futhi onke amadodakazi alo eProtestani ayeyizifebe kanye nalo.” Futhi Wathi, “Phumani kubo, bantu baMi, ukuze ningabi abahlanganyeli ezonweni zalo; futhi Ngiyonemukela, futhi niyoba ngamadodana namadodakazi kiMi.” Niyabo? Ngakho nakho lapho okhona, niyabo, “Benezimo zokumesaba uNkulunkulu, kepha aMandla akho bewaphika,” nokunye nokunye.

<sup>150</sup> Nina Methodisti ayigugu, nanivamise kanjani ukuba namandla kaNkulunkulu phakathi kwenu. Ngahamba ngama...Ngembatha ingubo ende kaJohn ngenkathi ngangiseLandani, eNgilandi, ukukhulekela iNkosi uGeorge ngalesosikhathi. Futhi bangenyusela lapho eBandleni likaWesley lapho ashumayela khona emakhulwini ayishumi nanhlanu njalo ekuseni ngehora lesihlanu nqo, ngaphambi kokuba abantu baye emsebenzini. Bahlale lapho aphenkela khona lesisilwi semphe emthethweni, futhi nganhlala esihlalweni. Futhi ngama lapho, futhi ngenyukela epulpiti lakhe. Futhi ngikhuleka egumbini lapho aya khona eZulwini. Ngacabanga, “O, uma uJohn ebengazi ukuthi ibandla leMethodisti lenzeni, ubengaphenduka ethuneni lakhe.” Uma wawujwayele ukukhulekela abagulayo futhi ube nezibonakaliso ezinkulu! Lapho uJohn Wesley... ngimile ngaphandle lapho, leyondawo engcwele ngangimi ngakuyo, lapho kukhona khona isihlahla. Ngalosuku, ngishumayela ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu, futhi—futhi ibandla eliphakeme laseNgilandi, iSheshi, lahamba futhi laphenduka... Isigejane samalungu sehla lapho futhi sakhulula impungushe nesigejane sezinja esinkulu, futhi bahlakaza ibandla likaJohn. UJohn omncane omdadlana wayengasindi ngaphezu kwekhulu neshumi lamaphawondi noma ngasiphi isikhathi empilweni yakhe, kodwa waphenduka futhi wakhomba ngeminwe yakhe, futhi wathi, “Wena mzenzisi! Ilanga angeke lihlale kathathu ekhanda lakho uze ungibize ngizokukhulekela.” Futhi wafa ngalobobusuku, namajaqamba emzimbeni wakhe, ebiza uJohn ukuba eze amkhulekele. Futhi wafa. Niyabo? O, uma nina maMethodisti beningaba ngamaMethodisti kanjalo, beningaba yiPentecost. Kunjalo.

<sup>151</sup> Kuthiwani ngani maBaptisti na? Nigijimela phansi ebandleni imizuzu embalwa, futhi umelusi ashumayeke ngaphezu kwemizuzu eyishumi nanhlanu nifuna ukumxosha. UJohn Smith, umsunguli webandla lamaBaptisti, wakhuleka ubusuku bonke ngezikhathi, futhi wakhalela izono zabantu

kwaze kwathi amehlo akhe ayezovaleka ngenxa yokukhala, futhi umkakhe wayemhola eya etafuleni bese emfunza ngesipuni, ukudla kwakhe kwasekuseni. Ngeke nikhuleke imizuzu eyishumi nanhlanu nhlobo. Yini indaba na? Niyabo, ninamasiko exutshwe kuLo.

<sup>152</sup> UMLayezo usaqhubeka. U-Israyeli walandela iNsika yoMlilo. Lapho Ime khona, bama. Lapho eYahamba yaya khona, bahamba. INsika yoMlilo iyaqhubeka. Yebo.

<sup>153</sup> Manje siyathola ukuthi abaholi bakhe abakwenzayo. Abaholi kade belokhu behlangene. Bukani uDathani omdala emuva lapho ngesikhathi seBhayibheli, ngesimiselo sesikhathi sikaMose somthetho. Nguye owahola izixuku ezixubene, uDathani, kwakunguKora; ngenkathi uNkulunkulu ephakamise umprofethi waKhe uMose, futhi wayeneZwi leNkosi. Wayenabantu abayizigidi ezimbili nengxenye phandle lapho kulelohlane, noJethro uyakhuphuka futhi wathi, “Mose, kuzokubulala, umthwalo wakho mkhulu kakhulu.” UNkulunkulu wathatha ingxenye yoMoya waKhe futhi waYibeka phezu kwamalunga angamashumi ayisikhombisa, futhi baprofetha. Akuzange kumqede amandla uMose nakancane. Yena, kodwa uMose wayesalokhu eyimpendulo yokugcina, ngoba wayeno ISHO KANJE INKOSI.

<sup>154</sup> Angeke ungene ngaphansi kweqembu lamadoda. Ngi-ngishaya indiva noma yisiphi isikhathi ukuthi—ukuthi njalo, lapho uNkulunkulu ake asebenzise iqembu lamadoda. Usebenzisa indoda eyodwa. Kunjalo. Indoda eyodwa ngesikhathi, ngoba amadoda amabili anemibono emibili. Indoda eyodwa! Kunjalo impela. Qaphelani manje, sonke isimiselo sesikhathi besingaleyondlela, yonke indlela phansi kwedlule, bekungaleyondlela ngaso sonke isikhathi.

<sup>155</sup> Futhi nakho kwakumi uMose. Futhi niyazi ukuthi uKora wathini na? Wathi, “Ngani, uMose wenza sengathi nguye kuphela ongashumayela, nguye kuphela onomlayezo. O, siyayazi leyoNsika yoMlilo ilenga phezu kwakhe, siyakwazi lokho kuKhanya kuphezu kwakhe, siyakwazi konke lokho, kodwa wenza sengathi nguye kuphela onomlayezo.”

<sup>156</sup> Wayengaqondile lokho. Wayengakuqondile ngaleyondlela. Wayezama ukulungisa abantu. Kunemibono eminingi kakhulu. Ufanele ulalele okuthile. Futhi kwenzekani na? UNkulunkulu wathi, “Zehlukanise nje kubo, ngoba ngizomgwinya nebandla lakhe emhlabeni.” Futhi umhlaba wavuleka nomlilo waphuma, futhi bashona phansi. Niyabo?

<sup>157</sup> Okuxubene, abaholi, abaholi yilokho okubangelanga inkathazo phakathi kwabantu. Uma kwakungesikho, namhlanje singafika lapha kulelidolobha futhi zonke izinhlango zamabandla ziyahlangana. Ngani, zizoba nalendawo, zizoba nayo, o, zonke izitolo zotshwala beziyovalwa. Ngani, lelidolobha



beliyokoma kakhulu kuze kuthi ugweva ubeyodingeka azilungise ingxenye yehora ukuba athole umhwamuko owenele ngaye ukuba aphimise. U...Ngani, bekuyoba njalo! O, ngixoleleni, bengingafanele ngikusho lokho. Lindani. Lokhu, engikuoqondile yilokhu, sonke sihlakazekile. Abaholi. UNkulunkulu angangena ukwenza okuthile, futhi abaholi balamaqembu amancane bayesaba ukuthi kukhona okuzolahleka, bazohlala...babadonse babaqhelise kuLo, esikhundleni sokwamukela uMlayezo kaNkulunkulu. Kwakungabaholi, ezinsukwini zikaNowa. Kwakungabaholi, ezinsukwini zikaMose. Kwakungabaholi, ezinsukwini zikaJesu. Abaholi, namuhla kuMoya oNgcwele. Isixuku esixubile! Bathi, "O, vumela abesifazane benze lokho. Kungani ubaklabalasele na?"

<sup>158</sup> Njengoba ngishilo, ngiyakholwa lapha ngaphambili, omunye washo kimi ngelinye ilanga, ngoba bengihlala njalo ngizama ukuthola odadewethu besemgqeni. Niyakubona, bango— bangokuhlosiwe. Kade bangokuhlosiwe kuwo wonke unyaka. USathane wasebenzisa bona emuva lapho ensimini yase-Edene, futhi wabasebenzisa ngaso sonke isikhathi. Futhi lapho iBhayibheli likhomba mayelana neMelika nabesifazane bayo ezinsukwini zokugcina, khona-ke ngiqala ukushaya ngesando kude le kukho. Futhi omunye wathi, "Mfowethu Branham, abantu bakwazisa njengomprofethi."

Ngathi, "Angisuye."

<sup>159</sup> Wathi, "Kodwa bakwazisa njengalokho. Kungani ungabafundisi labo bantu ukuthi bangazithola kanjani iziphiwo zokomoya ezinkulu na? Bafundise izinto uma wena... UNkulunkulu usebenzana nawe, siyakwazi lokho." Wathi, "Awubafundisi ngani abesifazane esikhundleni sokuthi njalo ubasike na?"

<sup>160</sup> Ngathi, "Ngishumayelile kubo iminyaka engamashumi amathathu nanye, futhi ba...Ngingabafundisa kanjani, ngingabafundisa kanjani ongwaqa, lapho bengabazi ngisho o-ABC babo na? Kungani bengeke ngisho babambisane futhi benze njengabesifazane na? Kungani beqhubeka benza ngendlela abenza ngayo na? Ungabafundisa kanjani izinto zokomoya lapho bengeke ngisho bakholwe izinto zemvelo na? Ungabafundisa kanjani lezozinto na?" Vumela ibandla likhuphukele kulelozinga, futhi khona-ke bangafundiswa kulelozinga ukuthi bangezemukela kanjani izipho zikaNkulunkulu nokuthi bangazibonakalisa kanjani izipho nezinto. Kodwa uMoya oNgcwele awusoze wakuvumela ukuba kuze kuze kuthi leyonhliziyo ibekahle futhi ilungele ukukwemukela.

<sup>161</sup> Khona-ke, uNkulunkulu umile lapho njengomfutho omkhulu. Ungesabi ukuthi kuyoba khona abanengi babo. Awusoze wamqeda amandla uNkulunkulu. Ubungathini nje igundane elincane elithi alibe lide *kangako*, igundane

elincane ngaphansi wezinqolobane ezinkulu zaseGibhithe, lithi, “Kungcono ngidle uhlamvu olulodwa lukakolo ngosuku, ngingahle ngikuqede ngaphambi kwesivuno esilandelayo”? Ubungathini nje inhlazi encane ethi ayibe yinde *kangako*, ibhukuda iphuma maphakathi nolwandlekazi, ithi, “Kungcono ngiphuze lamanzi ngokuwonga, ngoba, uyazi, lungase lome ngesinye isikhathi”? O, he, lokho ngukuzama ukuqenda ukulunga nesihawu sikaNkulunkulu kubantu baKhe! Ufuna ukukubusisa. Ulungele, Uyacindezela. Ubungacabanga nje uthatha wonke amanzi emhlabeni, izilwandle nayo yonke into, futhi uyingqabelanisa epayipini elilodwa elingamafidi amane futhi ulibeke phezulu lapho na? Umfutho uzoba kwiphansi lalo, uzama ukuthola umfantu ukuba uconsise indawo yalo wedlule. Lokho kufana nomfutho kaMoya oNgewele uzama ukwehla kuyo yonke impilo.

<sup>162</sup> Kodwa ngeke bakwenze, bathanda imibhedesho nezinto kangcono kunoma bethanda uNkulunkulu. Ufanele uthengise izinto zezwe, futhi ukholwe nguNkulunkulu. Lokho ngeke kwaphikwa, ukubonile unyaka nonyaka, nesikhathi emva kwesikhathi. Futhi uJoseph wathi ngesinye isikhathi, “Akugeji. Kumele kube nguNkulunkulu.” Niyabo? Futhi yisithembiso sikaNkulunkulu sosuku. Hhayi mina; angisona isithembiso sikaNkulunkulu. Ngingumuntu. Ngikhuluma ngoMoya oNgewele waKhe olapha. Leso yisithembiso sosuku, “Noma kuphi, noma ubani.”

<sup>163</sup> Manje, sithola ukuthi babengoyedwa. Futhi, bukani, futhi sizothatha isibonelo, uBalami. UBalami, wehla futhi wafundisa abantu imfundiso yakhe, futhi bathi, “Manje bukani, sonke singumakholwa, si—singabantwana bamadodakazi kaLoti, uMowabi phezulu lapho.” Bathi, “Sonke nje siyafana.” Futhi wabaxubanisa, wabangela ukuganiselana. Wabangela ukuba labo besifazane abahle bakwaMowabi, abazilungisa babebahle, futhi wehlela lapha futhi batshela lamadodana kaNkulunkulu ukuthi aye—aye “fana onke, emva kwakho konke; uNkulunkulu unguNkulunkulu wazo zonke izinhlanga, futhi konke kulungile.” Futhi wabashadisa ndawonye. Futhi uNkulunkulu wadweba umugqa wokwahlukanisa, futhi wabenza bashiya amakhaya abo nakho konke. Kwakuyini na? Niyayibona leyonto na? Khona impela nje okwenzeka emuva lapho ngaphambi kwesikhukhula, “Lapho amadodana kaNkulunkulu ebona amadodakazi abantu, ayebukeka kahle ukuba bawabuke, futhi bawakhanukela futhi bathatha bawenza abafazi.” Niyabo? Into efanayo yenzeke lapho.

<sup>164</sup> Futhi into efanayo manje! Futhi kuyinto efanayo. Nifanele nikubone. Isizukulwane ngasinye siyasho ukuthi kuzokwenzekani kwesilandelayo. Nakhu. Siyakubona. Siyazi ukuthi kuyafana, ngoba iBhayibheli lapha liyakumemezela ngokufanayo manje njengoba kwakunjalo. Kulungile. Manje,

futhi konke lokho kubalulekile, kusobala, ngo—usuku esiphila kulo.

<sup>165</sup> Manje, u—ukubiza kosuku, konke okubalulekile phakathi kwamabandla namuhla, ngamalungu. Yilokho konke abakufunayo amalungu. Manje, sonke siyasazi isiqubulo samaBaptisti ngo 1944, sathi, “Sizoba nesinye isigidi, ngo ’44.” Siyamazi owethu oyigugu, uMfowethu Billy Graham onomusa, siyayibona indawo yakhe emBhalweni, lapho eya khona, lokho akwenzayo. Kodwa kuhlala njalo kuyi “zinqumo, izinqumo eziningi kakhulu ezenziwe.” Ihlelo nje, yilokho kuphela abakufunayo. Niyabo?

<sup>166</sup> Yileyondlela okwakungayo ezinsukwini zikaJesu, into efanayo. Abasibo abantu ababi. Babeyimpumputhe. Yilokho kuphela. Babephuphuthekile eQinisweni. UJesu wabatshela kanjalo, wathi, “Nina baFarisi nabaSadusi abayizimpumputhe, konke enikwenzayo!” Wathi nenza ini na? “Nina babhali, baFarisi, niphuphuthekile!” Akazange athi, “Niyizoni.” Babeyizoni, kodwa lokho esikubiza ngesono.

<sup>167</sup> Manje, sibiza isono ngokuthi, “Ukuphinga, ukubhema, ukuqamba amanga, ukweba, izinto ezinjalo, lokho yisono.” Lokho akusiso isono. Lezo yizingxenye ezingahlukaniseki zokungakholwa.

<sup>168</sup> IBhayibheli lathi, “Ongakholwayo uselahliwe kakade.” Ukungakholwa eZwini, kuyisono.

<sup>169</sup> Bukani lawomadoda, angcwele. Ngani, wawungeke ubeke umunwe kuwo, ngokuziphatha. Umkhulu wabo, nokhokho, nokhokho kakhokho, nokhokho kakhokho kakhokho kakhokho bonke babengabapristi. Babegcine lowomthetho namasiko abadala noyise, ngokuphelele nje, kwehle kudabule esizukulwaneni. Kwakungekho nesisodwa isici kubo. Uma babengabanaso, babengakhandwa ngamatshe. Amadoda alungile. NoJesu wathi, “Ningabakayihlo udeveli!” Ngani? Ngoba abazange bawubone uMlayezo, iZwi. Wayelapho.

<sup>170</sup> Futhi bathi, “Awu, lomuntu uzama ukudabula amabandla ethu.”

<sup>171</sup> Wathi, “Nina baFarisi nabaSadusi abayizimpumputhe!” Wathi, nakhu Akushoyo, Wathi, “Niyohaqa ezilwandle ukwenza iproselite elilodwa. Konke lokho enikwenzela ilungu elilodwa! Futhi uma ulingenisa ehlelweni lakho, ungumntwana ophindwe kabili wesihogo ngaphezulu kwalokho ayeyikho ngenkathi ephandle lapho.” Yilokho kanye uJesu akusho.

<sup>172</sup> Futhi uma kukhona noma yini engalungile futhi noma yini engenakumesaba uNkulunkulu, kungukuthatha ilungu elidala lasendulo lebandla elicabanga ukuthi balunge kakhulu, futhi angeke babuke ngalutho ngaphandle kwezibuko zabo. Angixeki. Kodwa, yebo, nginguye, futhi. Futhi, kunjalo impela nje. Futhi uJesu wathi, “Ungumntwana wesihogo ophindwe

kabili ngaphezulu kwalokho owawuyikho ngenkathi uqalile.” Futhi uma sithatha amabandla, lokho akunandaba ukuthi mangaki amalungu owatholayo kulelobandla, futhi uwabone eyogembula nemijaho yamahashi, futhi ame phandle lapha futhi abesifazane begqoke izikhindi, behla benyuka emigwaqeni, futhi becula ekwayeni, lokho yisikhubekiso esikhulu kunazo zonke isoni esake saba naso. Kunjalo. Balindele labobantu abazibiza ngamaKristu ukuba baphile impilo ehloniphekile, ukuba abe ngumuntu owehlukile. Leso yisibonelo. Leso yisikhubekiso. Lowo ngumzencisi. Lokho kubi ngokuphindwe kashumi kunalokho owawuyikho. Kungecono ubephandle lapho njengoba wawunjalo.

<sup>173</sup> Yilapho indoda ifika, ithi, “Awu, abaphili nhlobo ngokwehlukile kunoma ngiphila. Awu, impela akunjalo. Mina ngi, ngingabamuhle njengabo.” Yisikhubekiso. Kunjalo impela. Ubabone bethi, awu, isoni esithile siyasukuma futhi sithi, “UJesu washo lokhu lapha.”

<sup>174</sup> “A, lokho bekungesikho, ngoba lokho—lokho akusho lokho. Lokho—lokho, Akaqondanga khona lokho khona lapho. Lokho kwakungokomunye umnyaka.” Kungani wena ongakholwayo! Niyabo? Kwenzenjani na? Ubeka isikhubekiso endleleni yalowomuntu.

<sup>175</sup> UJesu, noma ngiqonde ukuthi emaHubweni, uDavide wathi, “Ungahlali enkundleni yabaklolodayo, yima endleleni yabangamesabi uNkulunkulu.” Niyabo? “Ungazibeki endleleni yabangamesabi uNkulunkulu kanjalo futhi uhlale enkundleni yabaklolodayo, behlekisa ngalabo abalungile, futhi bemile bezungezile bethi kwakuyisimo sokumesaba uNkulunkulu. Kepha lowo othokozela umthetho weNkosi, uyathanda ukukwenza, uyakuba njengomuthi otshalwe ngasemifuleni yamanzi. Amaqabunga akhe awayikubuna. Futhi noma yini ayenzayo iyophumelela, kuyokwenzeka ngokuyikho impela.” Yilolohlobo lwebandla uNkulunkulu alifunayo. Abaholi abayizimpumpithe bezimpumpithe, benza, kulezi zinsuku zokugcina, abahleka usulu befika, nokunye nokunye.

<sup>176</sup> UMLayezo womvangeli wesikhathi sokugcina uvela kuMalaki 4. Kungukubuyisela. UMLayezo nesithunywa, kokubili, kuzofanele kube ukubuyiselwa kokuKholwa. UJuda wathi, eNcwadini kaJuda, cishe nje iminyaka engamashumi amathathu emva kokubethelwa, wathi, “Bazalwane, ngenza inkuthalo yonke ukunilobela ngokuKholwa okuvamile, ukuba nginivuselele ukuKholwa abayinikelwayo abangcwele emuva lapho.” Niyabo? Niyabo? UMalaki wathi, ngezinsuku zokugcina, umprofethi wokugcina weTestamente eliDala, ukuthi “Ngaphambi kokufika koSuku olukhulu olwesabekayo lweNkosi, ngiyakunithumelela umprofethi u-Eliya. Futhi uyobuyisela ukuKholwa kwabantwana kubuyele, noma ukuKholwa kwabantwana kubuyele kobaba, ngaphambi nje

kwesikhathi sembhuhhiso.” Kuyini na? UMLayezo ophumayo, uMLayezo nesithunywa sezinsuku zokugcina, lokho akusikho ukuba letha esivumwenikholo, kepha ukubadluthula ubakhiphe kulezozivumokholo futhi ubabuyisele emuva ekuKholweni kwasekuqaleni kobaba, obaba bepentekoste, lapho iBandla lizoba sezinsukwini zokugcina. Hhayi obaba bakaMose, kodwa obaba bepentekoste.

<sup>177</sup> Obaba bakaMose kwakunguMalaki 3, “Ngiyakuthumela isithunywa saMi phambi kobuso baMi, ukulungisa indlela phambi kweNkosi.” UMathewu 11:6 usho into efanayo. UJesu efakazisa ukuthi yilapho Ebona uJohane, wathi, “Naphuma ukuyobonani, indoda egqoke okhololo abahle, abaphendulelwe, nokunye nokunye na? Hhayi uJohane.” Wathi, “Labo abagqoka kanjalo basezigodlweni zamakhosi, nalamahlelo amakhulu, banga izingane, futhi beshadisa, niyazi, kanjalonjalo, bengcwaba abafileyo, futhi beshadisa abasha, nokunye nokunye. Basemuva lapho.” Wathi, “Naphuma ukuyobonani na? U—umhlanga ontengantengiswa ngumoya na? Qhabo, hhayi uJohane. Qhabo, qhabo, akazange antengantenge ngenkathi beqhumise ngokumelene naye.”

<sup>178</sup> Wathi, “Ngeke nibe nokubambisana uma niya lapho.” Akuzange kwenze noma yimuphi umehluko kuJohane, wahamba noma kunjalo. Niyabo?

<sup>179</sup> Wathi, “Naphuma ukuyobonani, umprofethi na?” Wathi, “Ngithi, futhi ongaphezu komprofethi! Futhi uma ningakuqonda, lona nguye umprofethi akhuluma ngaye, ethi, ‘Ngiyathuma isithunywa saMi phambi kobuso baMi, ukulungisa indlela,’” Malaki 3.

<sup>180</sup> Futhi kuMalaki 4, okonyaka webandla, Wathi, “Ngiyakuthuma kini u-Eliya ngaphambi kwalolosuku.” Manje, lowo bekungeke kube nguJohane, ngoba umhlaba awushiswanga emuva lapho futhi nabalungile bahambe phezu komlotha wababi. Qhabo. Yilonyaka, uMLayezo ozophuma ngawo! Lokho kuzokwenzani na? Ukubuyisela ukuKholwa kwabantu, iBandla namhlanje lingaphandle kwakho konke lokhu konakala okwehlukile nokubola, umzimba othunukalayo wehlelo, ubuyele ekuKholweni okuphilayo noNkulunkulu ophilayo. UMLayezo bewuqhubeka iminyaka. Kunjalo. Sekuyisikhathi manje ukuthi sifanele semukele futhi sikhohle: ukuvangela esikhathini sokugcina ukubuyisela. UJoweli washo into efanayo, “Ngiyakubuyisela yonke iminyaka eyadliwa yinkumbi.”

<sup>181</sup> Bukani lapha. Khumbulani uMLayezo wami kamuva nje ngesihlahla soMlobokazi, niyabo, ukuthi bamthatha kanjani uJesu? WayenguMuthi, Lowo owabonwa nguDavide, uMuthi otshalwe ngasemifuleni yamanzi, isithelo saKhe enkathini, uMuthi ophelele kakhulu. Futhi baMnquma futhi baMlengisa esihlahleni saseRoma esenziwe ngumuntu, ukuba abhuqwe. Kodwa Wenzani na? Wavuka futhi ngosuku lwesithathu.

Yini okunye Akwenzayo na? Wahlela uMuthi woMlobokazi, indoda nowesifazane njengemithi eyayisensimini yase-Edene, imithi emibili. Omunye wayo, umuthi wokuphila, nomunye umuthi wokufa. Futhi Wenzani na? Ufikela ukuzohlenga lomuthi. Ngakho selokhu Awuhlenga, eKalvari, Uselungele ukuwutshala manje. O, he! Ngithola ukuzizwa nginokukholwa uma usho lokho, niyabo. Ukubuyisela umuthi waKhe woMlobokazi, lowo owawufanele ube se-Edeni, kodwa wawa lapho ngoba akalikholwanga iZwi. Kodwa lapha Uzobuyisela umuthi ozokholwa yiZwi! Futhi lapho ekhuphuka ngoSuku lwePhentekoste, leyoMfundiso yasekuqaleni, lokho kuKholwa kwasekuqaleni, khona-ke iRoma yaqala ukwenzani na? Yathumela inkumbi, yathumela isibotho. Futhi ngamunye ethatha ingxenye yakhe esithelweni, amaqabunga nakho konke, futhi wamuncwa wonke wawa phansi.

<sup>182</sup> Kodwa umprofethi wabonani kulokho, wathi, “Kepha ngiyakubuyisela lowomuthi, isho iNkosi.” Waqala emuva eNguqukweni. Wenzani na? Wahlela. UNkulunkulu wamthana, eJohane oNgcwele 14 ngqo, wanquma yonke inhlangano yasuka kuwo. Futhi uyabuya kuWesley, wahlela. Wamthana.

<sup>183</sup> “Kodwa ngizobuyisela!” Usalokhu eza. Manje kwenzani na? Ngesikhathi sokuhlwa angeke kubekhona nhlangano. Kuzoba khona i—isiqongo. Isithelo sivuthwa kuphi kuqala na? Esiqongweni. Ngani na? Ilanga liyasishisa. Futhi esikhathini sokuhlwa izimbewu zihlwanyeliwe manje kwenzelwa umuthi woMlobokazi wesikhathi sokuhlwa. Lapho uMuthi wokuPhila ubuyela emuva emthini woMlobokazi. Niyabo? Futhi iziNkanyiso zakusihlwa ziphumile manje ukunisela nokuvuthiswa leso sithelo ebesikade sisemthini lapho esahlwanyelwa khona. Izimbewu zihlwanyeliwe. Niyabo? Isikhathi sokuhlwa. Ngakho ukuvangela kwesikhathi sokuhlwa kuyoba uphawu lukaMalaki 4, ukubuyisela ukukholwa kwabantu kubuyele emuva ekuKholweni kobaba. Yebo, mnumzane. Emuva emaTsheni okwakha! Amen. Emuva e . . .

<sup>184</sup> Namuhla abaholi bayaphinda bathi, “Izinombolo, izinombolo!” Lokho emuva lapho bakusho ngesikhathi sikaJesu, kuleso simiselo sesikhathi. UJesu wathi, “Nina bazenzisi! Nina baBhali, nina baFarisi, nihamba ezilwandle ukwenza iproselite elilodwa, ukuthola ilungu elilodwa, futhi nilingenisa lingumntwana ophindwe kabili kwesihogo kunalokho elaliyikho ngenkathi liqala.” Futhi namuhla bayo—bayochitha izigidigidikazi zamadola futhi benze konke abangakwenza ukwenza elinye ilungu lebandla ngaphezulu. Futhi, uma ukwenza, mubi kakhulu kunokuba wayenjalo phandle lapho. Ungenza nje umzenzisi ngaye, vumela abantu benze izinto, phumela ezweni futhi uhleke futhi uhlekise ngeVangeli, nakho konke okunjalo. Kuyi, niyabo, abaholi balolusuku futhi uthi, “Izinombolo, izinombolo, izinombolo!”

Lokho, yilokho kuphela okubalulekile namhlanje, yizinombolo, izinqumo.

<sup>185</sup> Manje, lelo yizwi elikhulu kangako namhlanje, “izinqumo.” Ngifisa sengathi umuntu ubengenza ukunquma ukukhonza uNkulunkulu esikhundleni sokujoyina isonto. “Yenza isinqumo, ngena, faka igama lakho encwadini,” thumela sonke isigejane esikhulu sabantu phansi lapho, bazobhala. “Ubani igama lakho na?” “UJohn Jones.” “Uyamemukela uKristu njengoMsindisi wakho na?” “Ya.” “Uyakholwa ukuthi uJesu Kristu uyiNdodana kaNkulunkulu na?” “Ya.” “Uyakholelwa ukuthi uJesu Kristu uyiNdodana kaNkulunkulu na?” “Ya.” USathane wenza into efanayo, into efanayo. IBhayibheli lathi wakwenza. Uyakholelwa futhi athuthumele. Yebo, mnumzane.

<sup>186</sup> Kodwa awuthuthumeli uma ukholwa ngempela, uyathokoza, amen: “Bonke labo abathanda ukubonakala kwaKhe.” Njengoba ngasho umuntu othize ngokuqhubekayo engitshela, engithumelela izincwadi, “Mfowethu Branham, ubesabisela ukufa abantu, ubatshela ukuthi isikhathi sokugcina siyeza.” Usabisa iBandla na? He, leyo into ekhazimulayo kakhulu ebingenzeka, ukuFika kweNkosi, isikhathi sokugcina. Ngifisa sengathi bekukhona manje. Impela. Awu, kuyinto ekhazimulayo kakhulu esengake ngacabanga ngayo, ukuhlangabezana neNkosi yami. Lengubo ende endala yenyama ngiyoyiqathaza, futhi ngivuke futhi ngibambe umklomelo waphakade, ngibuyele emuva ngibe yinsizwa futhi, futhi ngihlale njalo njalo neNkosi yami, nabo bonke abantu bakithi. Ngani, he! Angeke ngicabange ngokuzabalaza ngedlule kulesisono nokulingwa, nokuqaqamba nobuhlungu kulendlu endala yabaguliswa yizinhlopho lapha. Ukushiya lento nokuya e—emqheleni wokulunga, ngani, kuyinto ekhazimulayo kakhulu esengake ngayizwa! NjengomPhostoli uPawulu wathi, “Ngikulwile ukulwa okuhle, ngiqedile ibanga lami, ngigcine ukukholwa kwami, ngakho-ke... Ngigcine ukuKholwa *uqobo*, futhi ngakho-ke sengibekelwe umqhele wokulunga, lowo iNkosi elungileyo iyongipha wona ukalolosuku; kungeyimi ngedwa, kepha bonke labo abathanda ukubonakala kwaYo.” Kungesikho *ukukholwa* ukubonakala kwaYo; kepha “abathanda” ukubonakala kwaYo, injabulo enje pho ukwazi ukuthi Iyeza! Ngokuqinisekile! Yebo, mnumzane!

<sup>187</sup> Kodwa namhlanje nga “malungu,” yizi “nqumo,” nguku “ngenisa amalungu ebandla,” amalungu amaningi kakhulu. Yilokho-ke... Lokhu akusikho ukuvangela esikhathi sokuhlwa.

<sup>188</sup> Manje ngizoma umzuzu nje, futhi nje ngifuna nje ukukhuluma kini ngokusuka enhliziyweni yami. Ngiyethemba ang—anginihlalisanga isikhathi eside kakhulu. Kungu... Nginemizuzu cishe eyisikhombisa, imizuzu eyisishiyagalombili okwamanje, futhi ngifuna nje ukukhuluma nani ngokusuka enhliziyweni yami.

<sup>189</sup> Akusilo yini iqiniso lelo manje, “Izinqumo, joyina ibandla. Shiya ibandla lamaMethodisti futhi uze usijoyine, iBaptisti.

Noma, shiya iBaptisti futhi uze ujoyine thina, amaMethodisti, iPresbyterian, iLuthela”? AmaKatolika ethatha konke, niyabo. “Ilungu, ilungu, ilungu, ilungu, izinqumo, izinqumo.”

<sup>190</sup> Lisiza ngani amatshe uma ungenaye umbazi wamatshe ukuba awalongwe na? Ukuvuma kungamatshe. Lapho uPetru enze ukuvuma kwakhe, uJesu wathi, “Wena unguPetru, itshe elincane.” Kodwa lisiza ngani itshe uma engekho umbazi wamatshe lapho ukuba amlolonge abe yindodana kaNkulunkulu na? Unqwabelanisa nje isixheke samadwala. Kunjalo na? Abukho nobuncane ubuhle. Niyabo? Amanzi akhumzelisa itshe. Niyabo, kunjalo, lokho abantu. Lisiza ngani amatshe uma ungenaye umbazi wamatshe weqiniso onethuluzi elihle elibukhali ukuba amlolonge phakathi endaweni efaneleyo eNdlini kaNkulunkulu na? Ngifuna nje ukubuza, zinhle ngani izinqumo, ulifakela buhle buni igama lakho encwadini na? Kusiza ngani ukuza ujoyina ibandla, uma umbazi wamatshe engekho lapho ozololonga lokho futhi abenze bayeke *lokhu nalokho*, futhi abasike futhi abalungise ngaLendlela, futhi abenze isikwele futhi abenze njengamaKristu ahlezi eNdlini kaNkulunkulu, ngezibonakaliso zilandela abakholwayo na?

<sup>191</sup> Lokho ukuvangela esikhathini sokuphela, ukuthatha amatshe nokuwalolonga. Niyabo?

<sup>192</sup> Asiza ngani amatshe uma nje uwanqwabelanisa phezulu na? Uwayeke alale lapho ekhona, angahle enze kangcono phandle lapho kunoma abenganqwabelana phezulu lapho ndawonye. Angahle adingeke phandle lapho, futhi akukho nalinye lawo phandle lapho. Niyabo, kunjalo. Itshe alisizi ngaphandle kombazi wamatshe.

<sup>193</sup> UJesu ubala isimilo, hhayi amalungu. Niyakwazi lokho na? Ubala izimilo. UNkulunkulu ubehlala njalo ezama ukuthola indoda eyodwa esandleni saKhe. Yilokho kuphela Akudingayo, yindoda eyodwa, futhi Uzokwenza umsebenzi waKhe eminyakeni. Cabanga nje, Wayengahle kuphela athole indoda eyodwa elungile ngesikhathi sikaNowa. Ngesikhathi sikaMose, Wathola indoda eyodwa kuphela elungile.

<sup>194</sup> Bukani uSamsoni. Niyabo, uNkulunkulu angasebenzisa kuphela lokho okunikela kuYe. USamsoni wayeyindoda enkulu enamandla, wayenenqwaba yamandla okuqina. USamsoni wanikela ngamandla akhe okuqina kuNkulunkulu, kodwa wayengeke anikele ngenhliziyo yakhe. Wanikela ngenhliziyo yakhe kuDelila. Niyabo? Kungaleyondelela ngabantu namhlanje. O, mfowethu, bazofinyelela phansi futhi bakhokhele izikweletu, nezinto ezinjalo, futhi bakhe ihlelo elithe xaxa, nokunye nokunye kanjalo, kodwa, uma sekufika ekunikeleni ngezinhliziyi zabo, ngeke bakwenze. Kunjalo. Kusiza ngani . . .

<sup>195</sup> UPetru wayenenkemba. Wahosha leyonkemba, wayezosusa izindlebe zompristi, nezinto ezinjalo, wakwenza. Kodwa



uma sekufika ekuqungeni isibindi komKristu, wayengenaso. Wahlehlela emuva futhi waMphika. Kunjalo na? Wayengayisusa indlebe yompristi omkhulu ngenkemba yakhe, ngokuqinisekile, wazi ukuthi ibanjwa kanjani. Kodwa uma kufika ekucindezelekeni nesikhathi sokumela iZwi likaNkulunkulu, wayengenaso isibindi, futhi waphika ngisho ukuthi wayemazi uJesu.

<sup>196</sup> Kulapho namuhla. Sinesibindi sokwakha izakhiwo futhi sifake izigidi zamadola kuzo. Sinesibindi sokubeka ipayipi ogani nezihlalo zikanokusho, nakho konke, futhi siphume futhi sisuke kwenye inkolo siye kwenye izindawo ngezindawo, futhi senze amaMethodist abe yiBaptisti, nokunye nokunye, emuva naphambili kanjalo. Kodwa uma sekuza ngesibindi somKristu, ukwamukela iZwi, uMlayezo kaNkulunkulu, futhi ume lapho kuLo, siyingcosana. Ngakho lisiza ngani amatshe akho ngaphandle kombazi wamatshe futhi na? Akunjalo yini na?

<sup>197</sup> UNkulunkulu ufuna isimilo, hhayi ubulungu. Isimilo! U-Eliyeza, ngenkathi wayehambile ukuthola uMlobokazi ka—ka—ka-Isaka, wazikhandla waze wasithola isimilo. Khumbulani, u-Abrahama wambekela isibophezelo njengoba uNkulunkulu esibekela isibophezelo, kunjalo, thina befundisi. “Zingelani uMlobokazi waMi!” UNkulunkulu abusise inhliziyu yakho. Angifuni amalungu, ngifuna ohlanzekile enhliziyweni, niyabo, umuntu ozokholwa yiZwi.

<sup>198</sup> U-Eliyeza wabuka, futhi wacabanga, “O, angeke ngikwenze lokhu ngesingami. Kunomthwalo omkhulu kakhulu. Ngiyawuqonda umthwalo wokutholela u-Isaka...” Okungukuthi, umfanekiso weBandla, niyazi, uKristu; uRebeka, umfanekiso woMlobokazi. Futhi u-Eliyeza waguqa ngamadolo futhi wathi, “Nkulunkulu, U—Uzofanele nje ungisize.” Futhi lapho ebhekisele kuNkulunkulu, UNkulunkulu wamsiza. Wasithola isimilo.

<sup>199</sup> Buyela eZwini, mfowethu. Buyela kuNkulunkulu. Ungalinaki lelibandla okhonza kulo. Ungahlala lapho uma ufuna, uma bezokuvumela. Kodwa, into okufanele uyenze kuqala, woza kuNkulunkulu. Kunjalo. Lokhu ukuvangela esikhathini sokuphela. Yebo, mnumzane. Isimilo!

<sup>200</sup> Futhi ngenkathi ethola, futhi khona-ke ngenkathi u-Eliyeza ethola isimilo esasikowesifazane, uRebeka, umlobokazi omuhle ka-Isaka, wamxoxela ngo-Isaka. Futhi akazange abuze lutho. Walikholwa izwi lesithunywa, futhi walungiselela ukuhamba. Futhi bahamba, wabuza uyise, wathi, “Buza yena nje, intombazane isikhulile. Buza yena, isinqumo sakhe makube yiso.”

<sup>201</sup> Wathi, “Ngizohamba.” Kuphi na? Indoda ayengakaze ayibone, engazi lutho ngayo. Kodwa nokho wayelungele, ngoba

wayemiselwe ngaphambili futhi wagcotshwa ngaphambili kulokho. Kunjalo impela.

<sup>202</sup> Nimqaphelile owesifazane egeza izinyawo zikaJesu na? Akazange acele isibusiso. Wavele nje wabuka lapho. Futhi lapho, lowo mzenzisi ezama ukuhlekisa ngaYe, elulaza isimilo saKhe. Yilokho ababehlale bezama ukukwenza, ukuMenza abukeke emncane. Abanye abantu, niyazi, baMlandela nje ukuba benze lokho. Bathi, “Manje, buka lapha. Mfundisi omuhle, siyazi ukuthi Wena ungumuntu omkhulu kaNkulunkulu, Awesabi lutho. Sifanele sithele yini kuKesari na?” Niyabo? Zonke izinto! Lokho, bezama nje ukuthola into yokwenza mnyama iGama laKhe, igciwane lomule kulo. Futhi lomFarisi waMmemela idina ezansi lapho, lelohlelo lazi ukuthi babeMmemile lapho, babe nensimbi emlilweni ndawondawo. Njengoba ogembulayo engathi, “Efinqa umkhono wakhe.” Banokuthize okufanayo.

<sup>203</sup> Uma ubona noma ubani onjalo, okuzondayo, ngenxa yembangela yakho ngoKristu, futhi khona-ke bayakungenisa, kuphakathi kokuthi ukuthola imali eningi kuwe, noma wenze okuthize, noma bakusebenzise ngandlela-thize. Niyabo? Akukho... Angeke bawukholwe uMlayezo. Bakungenisele into ethize lapho. Ucabanga ukuthi lowoKristu ofanayo akahlukanisi into efanayo namuhla na? Impela, Uyakwenza.

<sup>204</sup> Kodwa baMngenisa lapho, futhi bathi, “Manje sizokufakazisa.” Futhi baMbuyisela lapho futhi baMdedele angene enuka, abazigezanga neze izinyawo zaKhe, abazange baMenze emukeleke. Behlezi lapho kulokho, lapho babekade behamba nalezozingubo ezinde, niyazi, bengena nalokho amahhashi nezinto kade engakukho emgwaqeni ngalezozinsuku, leyomizila emincane emidala. Bonke babehamba ngendlela efanayo. Leyo ngubo enkulu ende icosha lelophunga, futhi kwakukuYe, futhi yayinuka ngenxa yothuli nezinto emgwaqeni. Futhi lelophunga elidala, njengasezinqolobaneni nezinto. Futhi lokho kwakukuYe, eya endlini yezivakashi kanye nalabomata abakhulu bamaragi kwiphansi lendlu, yonke into. Babenohlobo oluthize lwamafutha, ba—babegeza ubuso babo futhi bageze izinyawo zabo, futhi babanike ipheya lamahliphasi asekamelweni lokulala, okufana nakho, futhi bahlele amasandali abo. Khona-ke angene emuva kokuba wayesegqokile futhi walungiswa, futhi walungisa izinwele zakhe, bese eyangena. Khona-ke uhlangana nezivakashi zakho, bese kuthi-ke—bese kuthi-ke u—bese kuthi-ke uyazibingelela futhi uzange. Basingathane omunye nomunye entanyeni, futhi bangane entanyeni. Niyabo? Njengoba nibonile uJoseph nami esikhashaneni esedule sigaxana ngezingalo, simbambathana. Futhi bangana omunye nomunye entanyeni. Kodwa lowo mFarisi, emva kokuba eMmemile phakathi lapho, futhi lapho Wayehlezi emuva lapho, abazange bazigeze izinyawo zaKhe,

abazange benze lutho kuYe, baMyekela ahlale lapho nje ukuba bahlekise ngaYe.

<sup>205</sup> Kodwa othize bandla unondidwa owonakele omncanyana, nozuka abambalwa ayebatholile phandle lapho odumweni lwakhe olubi, waMbona ehlezi lapho. Futhi izinyembezi ezinkulu zaqathaka ezihlathini zakhe. Wehlela ezansi lapho futhi wathola ibhokisi le-alabasta, ngayo yonke imali ayenayo. Wathi nyelele ngandlela-thize futhi wabuyela emuva lapho, futhi wawela ezinyaweni zaKhe, futhi uqala ukukhala, izinwele zakhe ziwela phansi. Futhi—futhi wayeyokhala futhi athathe ezakhe... Babengenalo ithawula lokugeza izinyawo zaKhe, futhi wayethathe lezizinwele futhi esula izinyawo zaKhe. Amanzi amahle kanje pho ezinyawo zaKhe, izinyembezi zesoni esiphendukayo! Futhi ukuba Wake walunyakazisa unyawo lwaKhe, wayeyogxuma. Wayengafuni lutho, wayekubonile nje ukuthi kwakudinga ukwenziwa.

<sup>206</sup> Angeke sikwenze lokho namhlanje na? He, asifuni lutho. Kudinga ukwenziwa, iVangeli lidinga ukushunyayelwa. Kungakhathaleki ukuthi sithola upeni, noma ngabe yini, akwenzi mehluko. Angikaze ngiwuthathe umnikelo empilweni yami. Lesi yisidingo. Lesi yisizathu. Hlukanisa, futhi amabandla ayakuzonda, nayo yonke enye into, nokukugebhula, futhi nje ukuthi yibaphi abangane obakhethayo. Kodwa uMlayezo. Kumele kuhambe, kungakhathaleki. Angizange ngizibeke emsakazweni nasezinhlelweni ezinkulu zethelevishini lapho engiyodingeka nginxibe imali. Bengingeke ngikwenze lokho. Ngifuna ukuba ngumfowenu. Ngifuna ukuya lapho uNkulunkulu... Uma kukhona abantu abahlanu lapha, yana lapho. Welela ngapha, uma kunesigidi, uNkulunkulu uzongenzela indlela ukuba ngihambe. Yilokho kuphela. Vele nje uphile ngokukholwa. Yileyondlela esifanele sonke siyenze. Futhi, ngiyabonga uNkulunkulu, abaningi babo bayakwenza, niyabo, indlela efanayo. Yiqiniso lelo, bayakwenza.

<sup>207</sup> Bukani lona wesifazane omncane. UJesu akazange alunyakazise unyawo. Buka lowo mFarisi omdala emi ezansi lapho, wathi, ezama ukuhlelisa ngaYe manje, wathi, “Manje, ukuba Ubengumprofethi, Ubezokwazi ukuthi hloboluni lowesifazane obelugeza izinyawo zaKhe. Niyabo? Ubezokwazi ukuthi hloboluni lowesifazane obengakuYe. Niyabo, Nango, lokho kukhombisa ukuthi izinga Asebenzana nalo.” Ngijabula kakhulu ngalokho. Ya. Wayazi. “Buka lapho ukuthi hloboluni lwezinga lwabantu abanaYe. Singabantu abahloniphekile. Singamalungu ebandla. Futhi, bukani, lesi soni esidala laphaya kanye naYe, lowo wesifazane, siyazi ukuthi ungubani, uhamba emgwaqweni. Uyi...” Niyazi ukuthi yini engikhuluma ngayo. “Ngakho lapho, wayeyilohlobo lowesifazane. Bukani, bukani, yilohlobo lwabantu oluMlandelayo.” Ngijabula kakhulu. Ngijabula kakhulu.

208 Yilokho engangiyikho, niyazi. Ngangiyilolohlobo lwabantu, kungekho okuhle, isoni. Futhi yilowo nalowo wenu uyafana, lowo ongakafiki kuYe. Awuzi nje ukuba ube yilungu lebandla, uyeza ngoba kukhona okufanele kwenziwe. UJesu udinga ukukhonzwa, kufanele kube khona olapho. Asikwenze. Akazange abuze, “Nkosi, Uzongibusisa, Uzokwenza *lokhu* na?” Qhabo, wawele nje wageza izinyawo zaKhe futhi wazesula ngezinwele zekhanda lakhe. Niyazi, abanye bodadewethu babeyodingeka bame ngamakhanda abo ukuthola izinwele ezanele ukusula izinyawo zaKhe.

209 Futhi nazo izinwele zakhe ezinhle ezisongekile zawela phansi, futhi wesula izinyawo zaKhe. Futhi [UMfowethu Branham wenza umsindo wokwanga—Umhl.] wayanga ezaKhe [UMfowethu Branham wenza umsindo wokwanga.] izinyawo ngokuqhubeka kanjalo. UJesu wahlala nje futhi wambuka. Akazange anyakaze ngisho i-iyintshi. Ngemuva kwesikhashana, lapho eseqedile, Waphenduka.

210 Kwakukhona uSimoni omdala emile ngaphesheya lapho futhi nabo bonke abefundisi benhlangano, wathi, “Niyabo! Ha! Ha! NguYe. Niyabo, nakho lapho okhona, lokho kukhombisa ukuthi Uyini. Akasiye umprofethi. Mbukeni!”

211 Waphenduka wayesethi, “Simoni!” O, ngiyacabanga ukuthi wayebomvu ebusweni. Wathi, “Ngingento ethile ukuba ngiyisho kuwe. UNgimemile lapha. Uyabo? Lapho ngingena emnyango, awuzange ugeze izinyawo zaMi, awuzange ungange ungeMukele, awuzange ugcobe ikhanda laMi. Uvele wama nje lapho, futhi uzama ukuhlelisa ngaMi. Uyabo? UNgingenisile lapha ngaleyonhloso. Futhi lona wesifazane, selokhu Ngingenile, selokhu Ngingenile, ngokuqhubekayo ugezile izinyawo zaMi ngezinyembezi zakhe, futhi wazesula ngezinwele zekhanda lakhe. Futhi ngokuqhubekayo, akanganganga entayeni yaMi, kepha wangile unyawo lwaMi.”

“Ubungalindele lutho, ubulindele, dadewethu na?”

“Qhabo.”

212 “Kodwa ngithi kuwe ukuthi izono zakho, eziningi, zithethelelwe zonke.” Ehhe. Ya. Niyabo? Yonke indlela phansi wayengenalutho nhlobo, kodwa nje ukwesaba ukuthi wayengenzi into efanele, mhlawumbe, kodwa kwakudingeka ukuba kwenziwe, kepha umvuzo wakhe uyafika ekugcineni.

213 Ungahle ungizwe ngishumayela lena uMlayezo. Ungahle ubone uMoya oNgewele wehlukhanisa futhi wenza izinto ezinkulu, futhi wenze izimangaliso. Ungahle ukhuleke, futhi akusoze kwenzeke. Qhubeka, umvuzo wakho ufika ekugcineni. Ngeke yini lokho kubengcono khona lapho na? Ya. Niyabo, yenzela uJesu inkonzo. Lowo nguMlayezo wesikhathi sokugcina. WayenoMlobokazi. UNkulunkulu ubuka isimilo. Futhi khona-ke emva kokuba u-Eliyeza ethole isimilo, khona-ke into

elandelayo kwakungukumlungiselela ukuba ahambe. Lokho kuyafana manje, mfowethu, kuyafana manje. UMLayezo wesikhathi sokugcina awukho ngaleya eBabiloni.

<sup>214</sup> Yilapho engithe kuwe, Joseph, ngenkathi lo mfowethu omncane waseSweden wami wayeme lapho futhi wabeka ikhanda lakhe phezu kwehlombe lami ngelinye ilanga futhi wakhalisa okwengane encane. Wathi, “Mfowethu Branham, uNkulunkulu ungithumele lapha, eChicago, wathi ngizobona iChicago izamazama ngolunye lwalezizinsuku.” Futhi wathi, “Manje bayangithumela kude. Bathatha ibandla lami bayalikhapha ngaphansi kwami, elikhulu, ibandla elihle kunawo onke eChicago.” Wathi, “Bathatha ibandla lami, futhi lapha bayangikhaphela ngaphandle. Bangivotele bangikhapha. Angazi ukuthi ngenzenjani.”

<sup>215</sup> Ngathi, “Joseph, uNkulunkulu akaqambi amanga.” Ngathi, “Uyibonile iChicago izamazama. Lokho kwaqala eNew York City ngenkathi ngikubone ngaleya, ngoba ngeke bahlanganyele nawe, angeke ngihambe ngisho.” Futhi ngangingamazi ngisho, kodwa into ethile ngaye eyangidonsela kuye. Angisho lokhu ngenxa yokuthi kulobubusuku umbuthano wakhe wobuthunywa benkolo. Kodwa, lokho bekulungile, ngadonselwa kuJoseph. Ngenqaba ukuya eChicago, ngoba babengeke bamvumele eze, babengeke bamvumele angene ekubambisaneni. Ngathi, “Khona-ke angiyi nami.”

Wathi, “Awumazi.”

<sup>216</sup> Ngathi, “Ngiyazi ukuthi angimazi, kodwa uNkulunkulu uyamazi. Uyinceku kaNkulunkulu. Futhi, kimi, ulungile.”

Futhi ngakho khona-ke uJoseph wathi, “Ngifisa sengathi ngingabona iChicago izamazama.”

<sup>217</sup> O, he! Awuboni ukuthi ukuzamazama kwayo akuqonde masosha okucatshangwa ukuthi izimpilo zawo azibalulekile phandle lapho. Angiqonde leyo mfucumfucu eyobhujiswa phandle lapho. IBandla liyazamazama. Niyabo? Kwakukhona kuphela ikhulu namashumi amabili ezigidini, ekamelweni eliphezulu, ngenkathi ukuzamazama kufika. Kunjalo. Impela. Kuyazamazama, ngabantu. I. . .

<sup>218</sup> Bukani, ngenkathi babenaleyomvuselelo enkulu, lo Apolo, umshumayeli wamaBaptisti owayengakawemukeli uMoya oNgewele okwangalesosikhathi, wayengakaze abhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu. UPawulu edabula emaphandleni angasenhla ye-Efesu, uthola leli bandla elinamandla iBhayibheli elikhuluma ngalo, futhi wawelela lapho futhi wabatshela indlela yeNkosi. Futhi bathi. . . Wathi, “Senamemukela uMoya oNgewele lokhu nakholwa na?” Futhi babememeza futhi benesikhathi esimangalisayo. Wathi, “Senamemukela uMoya oNgewele na?”

Bathi, “Asazi nokuba ukhona.”

Wathi, “Pho nabhaphathizwa kukuphi na?”

Bathi, “Sibhaphathiziwe ngaphansi kukaJohane.”

<sup>219</sup> Wathi, “Lokho angeke kusasebenza. Nifanele niphinde nibhaphathizwe.” Futhi waphinda wababhaphathiza, eGameni likaJesu Kristu. Futhi wabeka izandla zakhe phezu kwabo, futhi uMoya oNgcwele wehlela phezu kwabo. Bakhuluma ngezilimi futhi baprofetha. Futhi kwakukhona cishe abayisishiyagalombili noma ishumi labo. Kulungile.

<sup>220</sup> Ukuzamazama! Niyabo, uNkulunkulu akakuzamazamisi lokho, isihogo siyozamazamisa lokho uma kukwemukela. Kodwa uNkulunkulu uzamazamisa iBandla laKhe.

<sup>221</sup> INgelosi eyodwa iza ku-Abrahama neqembu lakhe phezulu entabeni, futhi yenza isimangaliso, ngokwahlulela imicabango owawusenziliziweni yakhe. Kunjalo na? Futhi uSara engaphakathi. Lapho, izingelosi ezaya eSodoma zazinezinkulungwane ezansi lapho. Bukani, ukuzamazama kungena eqenjini elincane. Ukubonile, Joseph. Ubonile iChicago ithola ukubizwa kwayo kokugcina. Kunjalo. Futhi uNkulunkulu wakuhlonipha, wenza khona impela Akusho. Ukulungiselela uMlobokazi, yilokho okuyikho.

<sup>222</sup> Manje sizogcina khona lapha, ngokusho lokhu. UMLayezo wesikhathi sokugcina ukulungiselela uMlobokazi nokulungiselela uHlwitho. Kungenzani na? NgokukaMalaki 4, ngukubabuyisela emuva eNkolweni abayinikelwayo abangcwele kwabakanye. Bababuyisele emuva ekuKholweni kobaba, ingxenye yepentecostal, esikhathini sokubuyisela. “Ngiyobuyisela, isho iNkosi.” Leso yisehlakalo sangempela, ukuvangela esikhathini sokuphela.

<sup>223</sup> Manje ngifuna nje ukusho lamagama athi awabe mabili ngaphambi kokuba ngivale. Ngedlule yonke lemiBhalo, futhi mhlawumbe ngesinye isikhathi singafinyelela kuyo. Kodwa ngifuna ukusho lokhu. Siyakholwa ukuthi sisesikhathini sokugcina. Siyakukholwa. Futhi nakuba kubonakala njengesikhathi sokugcina, ngalesisikhathi, ukuthi uMLayezo nesiThunywa kokubili sekuthi akwephuke. Kubukeka sengathi uSathane uzame okwakhe okwedlula konke ukusihlakaza njengerimu. UMfowethu Neville, ingozi yakhe; uMfowethu Crase lapho; nesibhamu sikuqhumisa. Niyabo, kubonakala sengathi, futhi khona manje lapho lonke ibandla liphandle lapho lingilahla. Futhi, niyabo, niyabo, kubukeka sengathi nje seku—sekuthi akwephuke. Kubonakala sengathi siqotshiwe. Ungakhathazeki. Uyazi, ngokuvamile kungalesosikhathi lapho uNkulunkulu engena khona enkundleni, yento Abekade eyibhekile isikhathi eside. Niyakhumbula.

<sup>224</sup> Ngiyakhumbula ngesinye isikhathi kwakukhona abanye abantwana ezansi esithandweni somlilo, babebambebele ngeqiniso kuleloZwi. Yonke into ayihambanga kahle.

Babaphosa etilongweni. Babagcina ubusuku, babezobashisa ngokusa okulandelayo. Futhi kwabonakala sengathi ukuphela kwasekuseduze, babenyukela esithandweni. Kodwa Uyafika egibele ehla ukuguqula, inkundla yaguquka yonke ngomzuzwana nje.

<sup>225</sup> Kuhlale njalo kungaleyomizuzwana ebuthakathaka kunayo yonke, lapho kubonakala sengathi uMlayezo weqiniso usuthi awunqotshwe, yilapho uNkulunkulu engena khona. U—Uvumela uMlayezo nesithunywa bafike ekupheleni komgwaqo, niyabo, khona-ke Uyangena futhi Ugibela amagagasi aphakeme. Kunjalo.

<sup>226</sup> Khumbulani, kwakunguJesu, lapho izitha zaKhe zacabanga ukuthi zaziMnqobile, ongakholwayo wathi, “SaMthola esiphambanweni.” AbaSadusi nabaFarisi ababeMzonda futhi baMlengisa esiphambanweni, bacabanga, “SiMtholile manje.” Ehhe. Kwakuthi akube ngalesosikhathi uNkulunkulu wagibela wangena enkundleni, waMvusa ekuseni ngePhasika, futhi wephula imibuso kaSathane, wahlubula isihogo, wathatha izihluthulelo zokufa nesihogo, futhi wavuka kanye nabo. Ngokuqinisekile, kwakungalesosikhathi nje sobuthakathaka. UMlayezo waKhe, Wayekade eshumayele iZwi, Wayelimele, nakho konke, khona-ke kwakungalowo mzuzu obuthakathaka ngempela ukuthi lapho ukunqoba kufika. Ngenkathi Enze konke lokho Ayengakwenza, khona-ke uNkulunkulu wafika. Waguqula inkundla.

<sup>227</sup> KwakunguJakobe ebalekela u-Esawu, evika *lapha nalaphaya* (ngaphezulu e...?... , nabehlukile) ekuzameni ukucashela u-Esawu. Khona-ke inhliziyo yakhe iqala ukulangazelela ukuya ekhaya. Futhi endleleni yakhe eya ekhaya, wathumela izithunywa, wathumela iminikelo nakho konke okunye, ezama ukujabulisa u-Esawu. Kodwa kungenkathi uJakobe efika ekupheleni kwakhe uqobo, kungenkathi uJakobe wayengazi ukuthi ajikele ngakuyiphi indlela. Wawelisa umkakhe nezingane ngaphesheya kwa—kwamanzi, futhi wawela wabuyela emuva ngaphesheya ko—komfudlana. Kwakungenkathi uJakobe wayebambane ubusuku bonke, kwaze kwathi amandla akhe okuqina ayengasekho, futhi wayekhubezekile futhi wayebuthakathaka, futhi umzimba wakhe wawephukile. Kwakungalesosikhathi lapho uNkulunkulu efika egibela engena enkundleni. Ngokusa okulandelayo, simthola eyini na? Inkosana engesabi, emva kobuthakathaka bakhe. Kubonakala sengathi wayenqotshiwe. Kodwa simthola eyinkosana engesabi. UMlayezo wawuqhubeka, nesithunywa sasikanye nawo. Kunjalo impela. Wayeyinkosana engesabi ngolunye usuku.

<sup>228</sup> U-Esawu, ngisho, ngenkathi wayemdinga kabi kakhulu, u-Esawu, ngenkathi esehlangane naye. Futhi khumbulani, konke ngalesosikhathi esifanayo uNkulunkulu wasebenza

enhliziyweni yomfowabo, futhi. Kulungile. Futhi u-Esawu uza kuye, wathi, “Nginamabutho lapha.” Wathi, “A, ubuthakathaka, Jakobe. Umzimba wakho uhlophekile. Uphukile.” Wathi, “Ngi—ngi—ngi. . . ngizothumela amasosha ngakuwe akuvikele,” khona lapho wayewadinga.

<sup>229</sup> Kodwa wayethole into ethize. Wathi, “Ngizohamba ngedwa.” Amen. Kungenkathi wayeluleme kulobobuthakathaka, wayeluleme kulokho kwethuka.

<sup>230</sup> Ngesikhathi uJesu eseluleme kulokho kwethuka kokufa, Wayengonamandla kunakho konke, Wayengahamba anqamule esakhiweni ngaphandle kokuhambisa udaka lokwakha lwetshe. Wayengadla inhlanzi nesinkwa. Amen. O, yebo. Kwakungalesikhathi, emva kokuba ubuthakathaka base bufikile, ukuthi wazithola engonamandla. Kwakungemva kokuba ubuthakathaka bufikile.

<sup>231</sup> Futhi kubonakala sengathi kungubuthakathaka impela manje kokokubili uMlayezo nesithunywa. Kodwa ningakhathazeki! Ndawo ndawo, angazi ukuthi kanjani, kodwa ngiyaMethemba. Uzofika egibele enkundleni ngolunye usuku. Ningakhathazeki. Asihambe ndawonye. Masikhothamise ethu—asikhothamise amakhanda ethu ndawonye. Ukuvangela ngesikhathi sokuhlwa.

<sup>232</sup> O Nkulunkulu, ukuKhanya okukhulu kwakusihlwa kade kukhanya manje isikhashana. Sikubonile Ufunisisa udabula kulezizikhala zezihlalo lapha, uletha labo nje ababengamathunzi abesilisa nabesifazane, bedliwa ngumdlavuzo, abaphuphuthekile, abagulayo nabahluphekile, odokotela abavela ngisho kwaMayo nasezindaweni zonke babadelile. Manje bahlezi lapha kulokhu kusa, futhi abaningi babo baphilile futhi banamandla. Kungesikho lapha kuphela, kodwa umhlaba wonke. Abesifazane bamukela abantwana babo bevusiwe babuyela ekuphileni, emva kokuba babefe amahora. Abantwana bebulewe emgwaqweni, ngezimoto, kumenyezalwe ukuthi “bafile” futhi belalisiwe, kungekhothambo elizwakalayo kubo; futhi ngesikhathi esiwumzuzu behamba ezansi emgwaqweni, bedumisa uNkulunkulu. Yebo, Nkosi, UnguNkulunkulu. Isikhathi sokuhlwa silapha. Izimbewu zakusihlwa zevangeli zihlwanyeliwe, Baba, futhi manje kubonakala sengathi kuwuhlobo lokuthola isikhathi sokukhubazeka. Eziningi zalezi. . .

<sup>233</sup> Ngenkathi Ufika okokuqala enkundleni emuva lapho esimiselweni sesikhathi saKho, bonke, “Lowo mProfethi osemusha waseGalile!” O, bonke babuthana ngakuWe. Kodwa lapho Uqala ukubashaya futhi ubatshela ngezivumokholo zabo ne—nezinto, khona-ke basuka kuWe. Wadingeka ume wedwa. Futhi ekugcineni baKuyisa eKalvari. Kwabukeka sengathi babenqobile, kubukeka sengathi okwabo—



iqembu labo elikhulu lobuhlakani laliyinqobile imbangela kaNkulunkulu. Kodwa, o, qhabo! Ngokusa kwePhasika umhlaba wawunokugodola okwesabekayo, ithuna lavuleka futhi iNdodana kaNkulunkulu yavuka. Yayinezihluthulelo zokufa nesihogo. Yayinombhaphathizo kaMoya oNgcwele ngaphakathi kwamalungelo aYo ukuwanikezela ngaleyonkathi. Yatshela iBandla laYo, “Yenyukelani lapho eJerusalema futhi nilinde, futhi NgizoKuthumela kini, futhi khona-ke niyofakaza ngaMi ngize Ngibuye futhi.”

<sup>234</sup> Futhi khona-ke Wama futhi wabatshela ukuthi isikhathi siyoba kanjani, futhi lapha sisesikhathini sokugcina. Nkosi, woza ugibele futhi, Ungeke, Baba na? Sifikelwa ukukhathala, sikhandlekile. Umuntu usenqabile kuyo yonke indawo, amahlelo onke asilahlile. ECalifornia lapho, labo abangcwele abayigugu bemile lapho bekhala, amabandla angamashumi amane, nalowomholi oyedwa wama futhi wathi, “Awu, uma ebhaphathiza, esebenzisa iGama leNkosi uJesus, asimfuni.” Futhi waphendulela iVangeli kulabobantu abampofu abalambile.

<sup>235</sup> Futhi, Baba, ngathi, “Woza kimi nomBhalo,” futhi wayengeke akwenze. Ngani na? Wazi kangcono. Baba, kungani—kungani abahedeni bedlanga nabantu becabanga into eyize na? Qiniso ngokwelula isandla soMntwana waKho oNgcwele uJesus, ukuphulukisa abagulayo, nokubonisa izibonakaliso nezimangaliso zokugcina. Kuphindaphindiwe, Nkosi. Ngiyabakhulekela. Nkulunkulu, ungabavumeli balahlwe. Kunabaningi babo umuntu olungile phakathi lapho okwamanje. Sipe, Nkosi, ukuthi bazobona futhi baphume.

<sup>236</sup> Futhi ibandla lethu elincane kulokhu ukusa, Baba, asizazi izinhliziyi zabantu. Wena uyazazi. Leli qembu elincane lapha. Ngiyaphuma ngiyalapho ngqo, noma kanjani. Futhi manje ngaphambi kokuba sishiye indlu yokukhonzela, Nkosi, leli qembu elincane eligogobele lapha, liyizihambi. Alizisho ukuthi lingelalelizwe, Nkosi. Liyizihambi. Lizelwe kabusha, liyizidalwa ezintsha. Liqhamuka ezintweni zezwe, ukukhonza uNkulunkulu, sazi ukuthi, “Asifisi ingcebo yalelizwe eyize ebuthuka ngokushesha kangaka. Sinamathemba ethu akhelwe ezintweni zaPhakade, Azisoze zedlula.”

<sup>237</sup> Baba waseZulwini, uma ekhona lapho ngeshansi ongaba yedwa noma ababili phakathi kwethu kulokhu ukusa ongakaze abe nokuzwa banganza lokho kuphenduka, ngiyakhuleka ukuthi Uzokhuluma ezinhliziyweni zabo ngalesisikhathi. Futhi kwangathi ngobumnandi nokuzithoba, ezinhliziyweni zabo, nje banikele konke kuWe, futhi bathi, “Nkosi Jesus, yiba nomusa kimi, isoni. Angifuni ukufa esimweni engikuso manje. Futhi ngingazi ukuthi ngizophila ngisho ngedlule usuku, khona-ke akusibo yini ubuwula ukuchitha isikhathi sami ezintweni zezwe!” Futhi yonke into lapha iyobhubha, futhi abantu bayobhubha nezwe. Kodwa Nkulunkulu, uYise

ongunaPhakade, akasoze ashabalala, kanjalo nabantu baKhe. Kwangathi bangaKwemukela manje, Baba wethu waseZulwini.

<sup>238</sup> Ngewelisa lawamaduku abekwe lapha abagulayo nabahluphekile. Bathi babethathe emzimbeni kaPawulu, amaduku nezindwangu, imimoya emibi yaphuma kubo. Phulukisa abagulayo abaphakathi kwethu kulokhu ukusa. Ngiyakhuleka ukuthi angeke kube khona umuntu obuthakathaka phakathi kwethu.

<sup>239</sup> Kwangathi uMoya oNgcwele omkhulu ungahamba unqamule izithameli manje, futhi kwangathi noma ubani angabona uBukhona baKhe. Futhi njengoba ngicaphunile ekuqaleni, uma isiphepho sikhuphukela emoyeni wasehlobo elomile, imimoya kade ihangula nokushisa, uthuli kade luphephetheka, kodwa, khona manjalo, singakuzwa ukuduma, singabona amafu ephakama. Futhi ngathi isibonakaliso esibomvu siphansi, Uyeza. Futhi sizwa umoya opholile, ukwamukela kukaMoya oNgcwele njengoba Uhamba ezindaweni zethu ezihangukile. Sisize namhlanje. Sindisa abalahlekile. Gwalisa ngoMoya oNgcwele, Nkosi, masinyane, ngaphambi kokuba izibani zicishe, ngokuba isiboniso sesivele siphansi. Umkhumbi omdala waseZiyoni usemabloksini manje, futhi akuzukuba kade aze abize. Futhi, okuzumayo, bazoba nephephandaba elikhishiwe, “Kwenzekeni na? Amakhulu abantu esizweni sonke sinyamalale.”

<sup>240</sup> O Nkulunkulu, khona-ke isikhathi sesihambe kakhulu kubo bonke, uHlwitho selufikile. Ukwahlulela kuzoshaya umhlaba, abalungile bazobe sebehambile. Khona-ke bazoya emathuneni, futhi bathi, “Awu, bekungewona... Ngabe baligubhile lelithuna na? Awu, kwenzekeni lapha na?” O, lowo owathembela kuNkulunkulu, owafa eminyakeni edlule, useyovelele ahamba. “Khona-ke, o, ukukhala nokulila lapho abalahlekile betshelwe isimiselo sabo. Bayokhala emadwaleni nasentabeni,” ngokwemiBhalo, “bakhuleke, kodwa imikhuleko isidlulelwe yisikhathi kakhulu.” Kwangathi kungebenjalo kunoma ubani okhona namuhla lapha.

<sup>241</sup> Futhi sisakhothamise amakhanda ethu, izinhliziyi zethu zikhothame, nazo. Ngingumuntu oyingqaba kakhulu ngokumemela abantu ema-altare, ngikholwa ukuthi akusiyo imfundiso yabuphostoli. Ngiyakholwa ukuthi lapho ohlezi khona wenze isinqumo, noma ngabe ufuna ngempela ukuphila noma ukufa. Ngikholwa ukuthi kukuwe. Futhi uma ekhona umuntu lapha ongakaze neze ngaphambilini ngempela nje akubone ngaleyondlela, futhi eqonda ukuthi ihora esikulo, futhi ungathanda nje ukuba mina ngikukhumbule emkhulekweni, ukuthi ufuna ukuba ngumKristu, futhi ufuna ukufana noKristu empilweni yakho futhi ulungele ukufika kwaKhe, ungaziphakamisa nje izandla zakho nxazonke endlini. INkosi ikubusise, futhi ikubusise, futhi ikubusise, nawe, nawe.

INkosi ikubusise wena emuva ngemuva, ikubusise wena phansi lapha. Lokho kuhle. UNkulunkulu akubusise, nenekazi elincane, khona ngqo emigamanxweni yempilo, dadewethu. Leso yisinqumo esikhulu. Kungahle ukuba wenze inqwaba yokuningi. . . UNkulunkulu akubusise, baba. Yebo, kungenzeka ukuthi usebenze usuku olunzima oluningi empilweni yakho, futhi, futhi wakhulisa umntwanyana. Mama, uhlezi ngakuye. O Nkulunkulu! Mhlawumbe ukhulise umndeni wakho futhi wenza izinto eziningi ezinkulu, wambambatha izihlathi zengane encane lapho ikhala, wathuthunduzela umbhede wengane ngezandla zakho ezincane, manje sezikhulile futhi zibuthakathaka. Kungenzeka ukuthi uthunduzele ingane futhi wenza into eningi enhle, kodwa into enhle ukuzedlula zonke owake wayenza ibengenkathi uphakamisa isandla sakho ngaleyonkathi. Ukubonile. Ngiyaxolisa, ngiyacela.

<sup>242</sup> Baba wethu waseZulwini, Uzibonile izandla. Uyazi ukuthi bekuyini okusemva kwazo. Manje bayimiklomelo yalenkonzo. Bayimiklomelo yaloMlayezo. Wena wathi, “Konke uBaba aNginike khona kuyakuza kiMi, futhi akakho ongeza ngaphandle uma uBaba waMi emdonsa kuqala.” Futhi Ukhulumile kulababantu. Futhi bebehlezi lapho, futhi ngokwesayensi bebengekwenze. . . izandla zabo zifanele zihlale phansi, ngoba okudonsela emhlabeni kubabambelele phansi. Kodwa bephulile futhi bashaya indiva imithetho yesayensi. BabenoMoya kubo ophakamise isandla, lokho kuphambene nesayensi, ngoba uMoya phakathi lapho ungayephula isayensi. Futhi baphakamise isandla sabo ngoba bekukhona uMoya kaNkulunkulu ngakubo, othe “Ni. . . nidinga uKristu.” Futhi baphakamise izandla zabo, “Ngikhumbule, O Nkosi.”

<sup>243</sup> Njengesela elifayo esiphambanweni, lathi, “Ungikhumbule uma Usufika eMbusweni waKho.”

<sup>244</sup> Futhi Wathini kulo na? “Namuhla Ngizakuba nawe eParadesi.”

<sup>245</sup> Futhi ngiyakhuleka, Baba, ukuthi ngalo lolusuku ukuthi Uzongenisa eMbusweni waKho, enhlanganyelweni yaKho lapha emhlabeni, wonke walamakholwa, futhi ube nomusa kuwo. Jesu, Washo, ngenkathi Wawulapha emhlabeni, kuJohane oNgcwele 5:24, “Ozwa amaZwi aMi futhi akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okuPhakade; futhi akayikuza ekwahlulelweni, abayikuba lapho ukwahlulela kushaya umhlaba, kepha bedlulile ekufeni bangena ekuPhileni.” Wakwethembisa, Nkosi. Ngiyababiza. Futhi manje kubo bonke labo abaphakamise izandla zabo, futhi ngisho nalabo enhliziyweni zabo abakholiwe ukuthi bafanele, futhi abangakwenza, ngibanikela kuWe kulokhu ukusa, Baba, njengemiklomelo emseni kaJesu Kristu naseZwini laKhe esilishumayelile kulokhu ukusa. BangabaKho. Bagcine bephephile, Nkosi, kuze kube yilolo suku. Futhi kwangathi bangakhula njengezingane. Kwangathi amanzi

lapha echibini angabathola, njengoba bevuma izono zabo, befa, bengcwatshwe kuKristu, ukuba bavuke futhi ekuphileni okusha, ukuba bahambe ezweni elisha, bahambe nabangane abasha, bahambe nabahambisana nabo abasha, bahambe kanye nezingelosi, bahambe eBukhloneni bokungaphezu kweMvelo. Lezo zinto abangakwazi ukuzibona ngakubo, kepha bayezwa futhi bayazi ukuthi zilapho. Ziyizinto ezihlala isikhathi eside, okungaphezu kweMvelo kuhlala isikhathi eside. Sibanikela kuWe Baba, eGameni likaJesu. Amen.

<sup>246</sup> Manje, ngiyaxolisa ukunihlalisa isikhashana ngaphezulu, futhi ngineqiniso ukuthi . . . Nizizwa nikahle na? Manje, inkonzo, ngezinye izikhathi ngifanele ngiyinqamule futhi ngiyicindezele. Manje kinina eniphakamise izandla zenu futhi nikholwa yiNkosi uJesu, bazoba nenkonzo yombhaphathizo, ngiyacabanga, kulokhu ukuhlwa. Noma, yebo, ngicabanga ukuthi amachibi agcwalisiwe uma ukufuna khona manje, nezingubo ezinde nokunye nokunye sekulungele. Uma ufisa ukubhaphathizwa khona manje, nganoma ngasiphi isikhathi, silapha kuphela ukukwenza. Futhi manje emva kokunquma nokusaha . . .

<sup>247</sup> Si—siyanibonga zihambi ezingaphakathi kwamasango ethu, ukuba nize enhlanganyelweni nathi kulokhu ukusa eZwini likaNkulunkulu, siyakuthakasela ukuza kwenu. INkosi inibusise. Siyajabula kakhulu ukuthi benilapha.

<sup>248</sup> Ngibona umngane wami ehlezi emuva esakhiweni lapha, kade ngacina ukumbona. Angazi ngisho negama lomfana. Ungumngane omuhle wami. Ungumzala wentombazane engangivame ukuhamba nayo, uMarie Francisco. Angisamkhumbuli ukuthi ngubani noma ukuthi ngubani igama lakhe. Ungasiphakamisa isandla sakho na? Siyajabula ukuba nawe uhlezi lapho futhi uNkulunkulu akubusise. Lowo mfana kade engumKristu iminyaka eminingi. Futhi ngi . . .

<sup>249</sup> Umngane wami lapha, uJim Poole, bangaki abake bangizwa ngiphatha igama likaJim Poole, umngane sisengabafana, indodana yakhe nomkayo.

<sup>250</sup> Futhi uDonny, angisasikhumbuli isibongo sakhe. UGard—Gard, uDonny Gard nomkakhe omncanyana othandekayo lapha. Bebesenhla ekhaya izolo bengivakashele. Ngijababula kakhulu ukuba nabo kulokhu ukusa.

<sup>251</sup> Futhi ngiyakholwa lona ngumfowethu oyisihambi ohlezi khona lapha ngakumfowethu Way. Futhi, o, ngakho, khona lapha, mhlawumbe nginephutha, futhi ngezinye izikhathi ngiyabukhohlwa ubuso. Futhi ngijababula ukuba nani nonke phakathi lapha kulokhu ukusa.

<sup>252</sup> Futhi manje, ngaphambi kokuba sisuke, emva kokunquma . . . Futhi, niyazi, iBhayibheli lathi iZwi likaNkulunkulu . . . njengaleso sinqumo, ukwenza itshe, kodwa ufanele ube nomsiki wamatshe ukusika lokho, ukwenza

umumo walo. Niyabo? Futhi amaHeberu isahluko 4 athi, “IZwi likaNkulunkulu libukhali futhi linamandla kakhulu kunenkemba esika nhlangothi zombili.” Lisika, lisoke, lisike okwengeziwe. “Umehluleli wemicabango nezizindlo zenhliziyoyi,” iZwi likaNkulunkulu. Futhi Liyasika.

<sup>253</sup> Manje, nje okokudumisa, akesicule nje iculo eliyintandokazi yami elidadlana, elinye lezintandokazi zami, “Ngiyamthanda, Ngiyamthanda.” Bangaki ngempela abaMthandayo na? Anginandaba noma ngabe ungumKristu noma qha, yithi “NgiyaMthanda ngoba Wangithanda kuqala.” Asilicule kanye kanye manje, sonke kanye kanye.

Ng’yaMthanda, ng’yaMthanda  
Ngoba Wang’thanda kuqala  
Wang’thengel’insindiso  
Emthini waseKalvari.

<sup>254</sup> Anikuthandi lokho na? Asilicule futhi. Ngenkathi nisalricula, xhawulanani nomunye ongakuwe. Ungasukumi, thani nje, “UNkulunkulu akubusise, mfowethu,” omunye ongakuwe, ngakho wena, wonke umuntu akazizwe emukelekile ngempela. Lokho ukwemukeleka lapha etabernakele, kusuka kimi, ngamunye wenu. Kulungile.

Ng’yaMthanda, ng’yaMthanda  
UNkulunkulu akubusise, mfowethu.  
Ngoba Wang’thanda kuqala  
Wang’thengel’insindiso  
Emthini waseKalvari.

<sup>255</sup> Asikhothamise amakhanda ethu ngenkathi silihamisha. [UMfowethu Branham nebandla baqala ukulihamisha *Ng’iyaMthanda*—Umhl.] Manje dlulisa isandla sakho phezulu kuYe, kalula nje. [Uyaqhubeka nokuhamisha *Ng’iyaMthanda*.] Manje, Akamangalisi na? Yebo.

<sup>256</sup> [Umfowethu ukhuluma ngolunye ulimi. UMfowethu Branham uyathula kancane—Umhl.] Hloniphani ngokuzithoba nje ngempela umzuzwana nje.

UJesu wathi, “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo. Bayakukhuluma ngezilimi ezintsha. Uma bephatha inyoka noma bephuze okubulalayo, akuyikubalimaza, ngokuba ingozi noma ukusakazeka akuyikubalimaza. Babeke izandla kwabagulayo, bayakusinda.”

Vele ulinde nje umzuzu, ubone ukuthi ukuhumusha okuthile kwalokhu kuyafika. Uma izihambi zisemasangweni ethu, silindele ukubona lokho iNkosi ezokusho kithi ngalomlayezo.

[Umfowethu unikeza incazo—Umhl.] Incazo. Amen. Leyo yincazo yalokho lendoda ekushilo. Kubantu lapha abangahle bengazi ukuthi kuyini, NguMoya. Kwenzeka kaningi etabernakele, ukunikeza umlayezo kubantu.

Asikhuleke.

<sup>257</sup> Baba waseZulwini, siyaKubonga ngalokhu, singazi ukuthi othize ndawondawo, ukuthi Ukhulume enhliziyweni ndawondawo futhi Kubizile emuva, ngisho nasemlayezweni wokuvala, Kushilo, babize ngokuthi “abantwana” baKho, ngoba Ubabizile, futhi mhlawumbe balungiselela ukuhamba ngaphandle koKukwemukela. Lokhu, umyalezo uyafika futhi. Ngakho siyakhuleka, Baba waseZulwini, ukuthi Uzosipha ingxenye enkulu yoMoya waKho phezu kwanoma ubani umuntu ongabakhona. Awuzange ubize igama labo, Uvele nje wakhuluma. Futhi ngakho, Baba, mhlawumbe yileyondlela Okufuna ngayo. Futhi siyakhuleka nje, Baba, ukuthi uzopha lomuntu noma lababantu, noma ngabe bangobani, ukuthi kungafika phansi ekubizeni kokugcina. Ngiyakhuleka, Baba, ukuthi akunjalo, kodwa, kulokhu kusa uma bezoKwemukela futhi bakholwe ngayo yonke inhliziyoyabo, emva kokuba bezwe uMlayezo njengoba Uwukhulumile futhi washo, futhi khonake kwangathi bangaWemukela ngokucophelela, ukwemukela uMoya. Kwangathi bangavuka futhi babhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu, ngenxa yokuthethelelwa kwezono zabo, futhi ngobumnandi bagcwaliswe ngoMoya oNgcwele, futhi baholelwe ekuphileni kwenkonzo nenjabulo. Nginikela kuWe manje, Baba, nebandla, eGameni likaJesu. Amen.

<sup>258</sup> Leyomilayezo ngezinye izikhathi iyakhuluma, omunye, asazi ukuthi bangobani. Ngezinye izikhathi bayasho ukuthi bangobani, kodwa umuntu nje phakathi lapha ukuthi mhlawumbe nje waqala ukusuka ngaphandle kwaWo. Futhi uma wenza, khumbula, lowo nguMoya oNgcwele ukhuluma ngolimi nje oluthatha ukuphefumulelwa okuthize; olufanayo olukhulumayo, olufanayo ukukuhumusha. Manje, khumbulani lokho engisanda nje kukufunda, “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.” Niyabo, lelo yiphakathi lamakholwa. Asikholwa ukuthi bonke abantu bafanele benze lokho. Sikholwa ukuthi kuwela ebandleni phakathi kwabantu. Ngesinye isikhathi abantu beza lapha, bengakaze bezwe ngento enjalo phambilini, futhi uMoya oNgcwele wehlela phezu kwabo futhi unikeze umlayezo, futhi uphulukise abantu abahlezi lapho bebulawa umdlavuza, nazonke izinhlobo zezifo nezinto, babuyele emuva ngqo. NguMoya oNgcwele phakathi kwabantu baKhe.

<sup>259</sup> Niyamthanda na? Amen. Ngiyamthanda, nami. Siyethemba ukunibona kulobubusuku. Futhi manje Mfowethu Neville, ngizobuyisela inkonzo kuMfowethu Neville, umelusi wethu. Kulungile.



*UKUVANGELA ESIKHATHINI SOKUPHELA* ZUL62-0603  
(The End-Time Evangelism)

LoMlayezo ngoMfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngeSonto ekuseni ngo Juni 3, 1962, eTabernakele likaBranham eJeffersonville, eIndiana, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2019 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE  
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE  
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS  
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.  
[www.branham.org](http://www.branham.org)

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS  
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.  
[www.branham.org](http://www.branham.org)